# KUNGANI KWAFANELE KUBE NGUMELUSI WEZIMVU

Ngiqagele ngiwuhlobo lomshumayeli okhefuzela isikhathi eside. Futhi ongenamfundo, ngi—ngiqagele angizwakali kakhulu njengomshumayeli kwabanye abantu. Futhi a—angizisho ngisho nokuthi ngingumshumayeli, ngiluhlobo nje lwethayi eliyisipele. Kodwa ngiyezwa ukuthi nginoMlayezo ovela kuNkulunkulu, ukuthi endleleni yami (ukuthi indlela kuphela engifanele ngiWethule ngayo), ngizama ukuWethula ezweni. Futhi uma bengingahlalanga nalowoMlayezo, bengingaba ngumkhapheli kuNkulunkulu nomzenzisi kini. Umuntu oyosho into eyodwa futhi akholwe ngenye, ngukuzenzisa. Sifanele njalo sikhulume iqiniso elivela enhliziyweni yethu. Ukuthi uma abantu besibuka, ngisho noma bengavumelani nathi, sifuna ukuba ngowesilisa nabesifazane abahloniphekile: ukuthi sikhuluma okuvela enhliziyweni yethu, lokho okungokuqinisile ezinhliziyweni zethu.

2 Ngonyaka odlule, noma ngaphambi konyaka odlule, ngaba nenhlanhla yokukhuluma u—umKristu. . .noma ngiyaxolisa, umlayezo kaKhisimuzi, lapha eRamada. Futhi ngikholwa ukuthi ngakhuluma ngendaba, kuphakathi kokuthi kulapha noma ePhoenix, ngokuthi: *Kungani kube yiBetlehema Elincane na?* Futhi ngiyakholwa-ke kwakulapha, ngonyaka odlule, ngakhuluma ngokuthi: *SiBonile iNkanyezi yaKhe KwelaseMpumalanga Futhi Size UkuKhuleka kuYe.*

3 Futhi, niyazi, uma ufunda iBhayibheli, futhi siyamangala, labo o "*Kungani na*?" Futhi kulobubusuku ngicabangile, uma benizongibekezelela isikhashana, futhi nikhuleke nami, ngizozama ukuninika umlayezo wami kaKhisimuzi. UNkulunkulu kuphela uyazi ukuthi uzoba kuphi uKhisimuzi olandelayo, uma ukhona uKhisimuzi olandelayo emva kwalona. Ngakho njengokuthi lona kungahle kube nguKhisimuzi wokugcina sihlezi ndawonye, size sihlale kwelinye itafula. Futhi Awuyikuba yilowo waloluhlobo, kodwa uyoba lapho sidla futhi siphuza isidlo sisisha naYe, eMbusweni kaBaba ekupheleni komgwaqo. Bese kuthi-ke, asisondele kuwo kulobubusuku kube sengathi lona bekungumlayezo kaKhisimuzi wokugcina esiyoke sihlale kuwo ndawonye, ekujuleni kobuqotho.

4 Ngifuna ukukhuluma kulobubusuku ngendaba engejwayelekile, kodwa ngezinye izikhathi uthola uNkulunkulu entweni engejwayelekile. Wenza izinto ngendlela engejwayelekile. Hhayi indlela ejwayelekile, yindlela

engejwayelekile, izikhathi ezingejwayelekile, izinkundla ezingejwayelekile, Akejwayelekile. Futhi ngifuna lokhu... iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngendaba yokuthi: *Kungani Kwafanele kube NguMelusi wezimvu.*

5 Futhi manje ngaphambi nje kokuba sisondele eZwini, engikholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

6 Njengoba ngishilo, ngeviki eledlule, noma iviki elingaphambi kweledlule ePhoenix, "Kufakazisiwe ukuthi kukhona izinto zalomhlaba, abantu, abedlula kulendlu manje." Itelevishini iyakufakazisa lokho. Ngelinye izinga, amehlo ethu emvelo nemizwa yethu emihlanu ingeke yakucosha lokho. Akusikho ukuthi itelevishini kukhona ekukhiqizayo, kuphela ihambisa ngomgudu. Ungeke wenza umnyakazo ngomunwe wakho, ungeke wacwayizisa iso lakho, kodwa kufakazisiwe ukuthi kurekhodwa ingunaphakade. Ngingahle ukuba ngimile...Noma umuntu eAustralia, ubengaba se—sesibukweni setelevishini lapha, hhayi lokho kuphela kodwa u—umuntu ubengakhuluma, anyakazise umunwe wakhe, acwayizise iso lakhe, noma ngisho nombala wokokugqoka akugqokile, kungakhishelwa lapha odongeni; futhi yena eAfrika, Australia, umhlaba jikelele. Niyabo, kukhona indingilizi ephakathi kokuthi eyamagagasi. Ngeke ngakuchaza, kodwa ngiyazi ukuthi ikhona. Angicabangi ukuthi noma ubani ngempela ubengakuchaza. Ngakho, itelevishini ingadonsela lokhu phakathi futhi ikwenze kube yikho ngempela ngezinye izinto zokwenza, ezingakubonisa odongeni.

7 Manje, leyonto efanayo yayilapha ngenkathi uAdamu elapha. Itelevishini yayilapha ngenkathi—ngenkathi uElija ehlezi eNtabeni yaseKameli. Kwakulapha ngenkathi uMartin Luther, lowompristi omncane, waphosa isidlo phansi wayesethi, "Yisinkwa ikosha! Futhi abalungileyo bazakuphila ngokukholwa." Kwakulapha ngaleyonkathi, kodwa manje sisanda kukuthola nje. Kanti futhi kunjalo, ukuthi ebukhoneni bethu kulobubusuku nguNkulunkulu, iziNgelosi, izidalwa ezingaphezu kwemvelo ezingabonwayo emzweni wethu wokwemvelo wokubona. Kodwa ngeliny'ilanga kuyoba yiyo ngempela njengoba nje itelevishini injalo manje, futhi nje ngokwejwayelekile nje. Manje, yingakho ngikholwa yiZwi.

8 UJesu wathi, "Oyonezela izwi elilodwa kuleliBhayibheli, noma asuse iZwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila."

9 Ngakho, asikhothamise amakhanda ethu-ke, ngaphambi kokuba ngisho siLifunde. Ngesikhulu isizotha! Noma yimuphi

umuntu onamandla ngokomzimba ubengaliphenya ikhasi, kodwa nguNkulunkulu kuphela ongaLembula.

10 Futhi amakhanda ethu ekhotheme ngasothulini esathathwa kulo, futhi ngolunye usuku siyobuyela, angazi noma . . . Futhi kulomzuzwana wesizotha, njengoba sisondela kuKhisimuzi, uma bekhona abanye lapha abazizwela ngempela bengafanele futhi bengathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, ninga (ngaphandle kokuphakamisa ikhanda lakho) phakamisa izandla zakho nje kuNkulunkulu bese uthi, "Ngikhumbule, Nkosi, loKhisimuzi"? UNkulunkulu anibusise.

11 Wena oNgcwele kakhulu noBaba waseZulwini onoMusa, Nkulunkulu uSomandla, Yena owayekhona ekuqaleni, ingakabikho inkanyezi, noma iatomu, noma imolekuli umsuka wezinto ezincinyanc. Wena wenza zonke izinto ngoJesu Kristu iNdodana yaKho, futhi isiphe zonke izinto ngesihle kuYe. SiyaKubonga, kulobubusuku, Nkosi, ngalelithuba Osiphe lona ukuba sibuthane thina uqobo ndawonye, ukuba sexwayiswe futhi sifundiswe nguMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele uthatha amazwi aKho futhi wembule kithi, ngokuba uJesu wathi, "Nxa esefikile Yena uMoya weQiniso, Uyonikhumbuza ngalezizinto eNgizishilo kanti futhi anikhombise okuzayo."

12 Nkulunkulu, akukho namunye phakathi kwethu, kanjalo akukho-muntu phezu komhlaba, ofanele ukuzama ukuhumusha iZwi laKho, ngokuba kulotshiwe ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu alichasiswa ngumuntu ngokwakhe." Ngakho-ke, Nkosi, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzosinika kulobubusuku, sonke, isabelo esisidingayo ukwenelisa lokho kulamba okusenhliziyweni yethu ukuba sihambe sisondele kakhulu kuWe. Asifithi, asihlanzekile, asifanele. Makuthi uMntwana owazalwa eBetlehema, owaphila impilo ephelele kakhulu impela, futhi waba nguye kuphela umuntu ophelele phezu komhlaba, futhi Wazinikela yena waba yisihlengo ukuze Asihlanze izoni ezingahlanzekile nokusiletha ekuhlobaneni noBaba, siphe kulobubusuku ukuthi uMoya waKhe oNgcwele (ngokushunyayelwa kweZwi) uzosenzela lokho.

13 Futhi, Nkosi Nkulunkulu, baningi abagulayo ezweni namhlanje, ebusweni bomuthi odlula yonke esesake sanyanga ngawo, nomuthi odlula yonke nezibhedlela ezizedlula zonke. Kepha nokho kukho konke ukuvumbulula kwethu kwesayense okukhulu, nokho kuningi kakhulu ukugula kunalokho izwe elake lakwazi, ngoba siningi kakhulu isono nokungakholwa izwe eselake lakwazi. Sisize kulobubusuku, Nyanga eNkulu, futhi uphilise abagulayo ophakathi kwethu.

14 Futhi siphe uMoya, uMoya weqiniso kaKhisimuzi. Ngenkathi namhlanje . . . ukuthi nxa imigubho yabahedeni, kukhonzwa izihlahla zikaKhisimuzi, izindaba eziyizinganekwane ze—zendoda ethiwa uSanta Claus,

nangonogwaja bethu bePhasika, nezimfeshini ezehlukene izwe lezohwebo eseliphenduke laba yimpahla eyimali kulo, kwangathi kungabekwa eceleni, Nkulunkulu. Asingene kuKristu iZwi, ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

15 Uma nizophenya kanye nami ekufundeni eMbhalweni oNgcwele, uLuka oNgcwele, isahluko 2. Ningizwa kahle?

Ngabe kukhona ukuguqulela kweminye imibhobho na? Ningizwa kahle ngemuva na? Uma ningizwa, phakamisani isandla senu. Ngiyabonga. Isahluko 2 seVangeli ngokukaLuka oNgcwele.

*Kwathi ngalezozinsuku, kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu, sokuba kubalwe izwe lonke.*

*(Lokhukubalwa kwenziwa kwaziwa . . . engumbusi waseSiriya.)*

*Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo ezweni lakubo.*

*Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile, wangena emzini waseNazaretha, waya eJudiya, . . . emzini kaDavide, othiwa iBetlehema; (ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide:)*

*Ukuyobalwa kanye noMariya owammiselwe ukuba abe ngumkakhe, ekhulelwe.*

*Kwathi-ke, eselapho, izinsuku zakhe zaphelela zokuba abelethe.*

*Wazibula ngendodana, wayisonga ngembeleko, wayilalisa emkhombeni; ngokuba bantula indawo endlini yezihambi.*

*Kwakukhona abelusi kulelozwe ababehlezi endle, belinda imihlambi wabo ebusuku.*

*Futhi, bheka, ingelosi yeNkosi yema phambi kwabo, inkazimulo yeNkosi yabakhanyisa nxa zonke: besaba ngokwesaba okukhulu.*

*Ingelosi yathi kubo, Ningesabi: ngokuba, bhekani, ngi . . . bikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu, okuzakuba kubantu bonke.*

*Ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide.*

*Nalokhu kuyakuba yisiboniso kini; Niyakufumana umntwana embesiwe ngembeleko, elele emkhombeni.*

*Masinyane kwabakhona i . . . Masinyane kwabakhona . . . nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini lumdumisa uNkulunkulu, luthi,*

*Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni, kubantu abathokozelwe nguye.*

*Kwathi, ukuba zimuke kubo izingelosi ziya ezulwini, abelusi bakhuluma bodwa bathi, Asihambe manje size sifike eBetlehema, sibone lento eyenzekileyo, iNkosi esazisile yona.*

*Bephuthuma bafika, bafumanisa oMariya, noJosefa, nomntwana olele emkhombeni.*

*Sebebonile, balanda ngalelozwi abatshelwe lona ngomntwana.*

*Bonke abezwayo bamangala ngokukhulunywe kubo ngabelusi.*

*Kepha uMariya wagcina onke lamazwi, ezindla ngawo enhliziyweni yakhe.*

*Babuya-ke abelusi bemdumisa, bembonga uNkulunkulu ngakho konke abakuzwile nabakubonileyo, njengalokho kwakukhulunyiwe kubo.*

Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

16 Manje, kuyi. . . Kungani lesisehlakalo esikhulu sembulwa kubelusi bezimvu na? Lolo bekungaba wuhlobo lwento egqamile kithi. Ngineminye imiBhalo ebhalwe lapha, namanothi ambalwa engizozama ukuhamba phezu kwawo, ukuchaza kini ukuthi *kungani* ngokwazi kwami okwedlula konke. Futhi mhlawumbe-ke emva kwalokhu, ukuthi iNkosi ngomusa waYo, kulobubusuku, izosusa o *kungani* basuke kithi. Kodwa kwenze. . . Cishe lonke iningi lethu, ngiyethemba, ngesinye isikhathi noma esinye, limangele ukuthi kungani ukuthi lesisehlakalo esikhulu kunazo zonke saso sonke isikhathi sembulwa kubelusi bezimvu. Kwembulelwani kubelusi bezimvu futhi kungabi kosiyazi bezenkolo bangalolosuku; babenguye owayeqeqeshiwe ukuWuzwa na? Futhi Wafikelani futhi wedlula izicebi, futhi eze kwabampofu na? Futhi, Kwabedlulelani abafundile nabahlakaniphile, futhi kufika kwabathobile futhi kwabangafundile na? Kunemibuzo embalwa ukuthi *kungani* kulokhu.

17 Futhi esinye isizathu engingasisho, qaphelani, ingane yazalelwa eBetlehema. IBetlehema ngokuhunyushwa kwesiHeberu, njengoba sasinakho eminyakeni ethi ayibe mibili edlule lapha, *Betlehema* kusho ukuthi "indlu yesinkwa sikaNkulunkulu." Futhi sifakazisile emiBhalweni, Wayengenakuza noma ngayiphi enye indlela. IBetlehema yaqanjwa nguRahabi nomyeni wakhe—wakhe. URahabi wayeyisifebe eseshelwa yinduna, empini yakwa—kwaIsrayeli, emva kokuba sebethathe iJeriko. Futhi ngokukholwa wawukholwa umlayezo kaNkulunkulu, esimweni sakhe, futhi wasindiswa. Futhi kusukela lapho, ngenkathi uJoshuwa aba imihlaba lapho ngamunye ayezoba khona, . . .

18 Futhi kukhona isifundo esikhulu ukuthi ngesinye isikhathi ngethemba ukuthi ngizokwazi ukuletha eTucson, ngalabo omama bamaHeberu bezala lezozingane. Ngenkathi ebubula ebuhlungwni bokuzalwa kwengane, wayebiza igama lengane nalokho kwabeka ngokwendawo eyiyonayona ezweni lesithembiso, yisizwe. Into enkulu, lonke iZwi likaNkulunkulu lenela kahle lindawonye. Uma lingeneli ndawonye, akusilo iZwi likaNkulunkulu elingeneli, ngumcabango wakho ongeneli eZwini. Lonke lenela ndawonye.

19 Ngakho, manje-ke, WayeyiSinkwa sokuPhila, njengoba safundiswa ngeviki eledlule ePhoenix, noma evikini eliphambi kweledlule. Futhi ngokuba yiSinkwa sokuPhila, Wayengenakuza kwenye indawo kodwa "*indlu yesinkwa sikaNkulunkulu*." Nalowo kwakungu *kungani*. Manje, lapha, uJesu uzalwa eBetlehema, futhi eBetlehema kwakukhona isinagoge, abaholi abakhulu bezenkolo babehlala eBetlehema. UDavide umelusi wezimvu oyinkosi enkulu wazalelwa eBetlehema, ubaba wakhe uJese wazalwa eBetlehema, umkhulu wakhe uObede wazalelwa eBetlehema. Futhi, yonke indlela emuva, wavela eBetlehema.

20 Futhi lapha, uJesu iNdodana kaDavide uzalwa eBetlehema, khona impela phansi kwezithunzi zamahlalabhishobhi amakhulu. Manje-ke uma labobantu beqeqeshiwe, futhi bekade bebheke uMesiya yonke leminyaka; iminyaka eyizinkulungwane ezine, uMesiya kwakukade kuprofethwe ukuthi uyeza. Bese kuthi-ke uma uMesiya wayezozalwa esithunzini sehlalabhishobhi, kungani babeze bayothi ngqu emuva phezulu ezintabeni esigejaneni sabangafundile, abelusi bezimvu abangaqeqeshiwe ukuletha uMlayezo omkhulu, uMlayezo wokuqala na? Futhi wathuma abelusi bezimvu! Hhayi abahlakaniphile nabaqeqeshiwe, kodwa abelusi bezimvu. Kuyinto exakile, akusiyo na? Kodwa kuzobakhona u *kungani* ndawo ndawo. . . Kukhona u *kungani*, manje kuzofanele kube nempendulo ukuthi kungani! Futhi akukho-muntu owazi impendulo ngaphandle kukaNkulunkulu. NguYe owazi impendulo.

21 Manje, khumbulani, uMesiya wayesevele esesemzini, ezalwe emzini, esitebeleni; ngakhona impela ngasemahlalabhishobi amakhulu lapho umpristi omkhulu. . . nabapristi abakhulu, nosiyazi bezenkolo, nabahlakaniphile, nabaqeqeshiwe, bonke wayelapho belinde uMesiya. Futhi Wayelapho, khona phakathi kwabo! Kodwa ngenkathi benza baya e. . . phandle emagqumeni aseJudiya kwabangafundile, abangaqeqeshiwe, abangaphucukile, abampofu kunabo bonke na? Wayebukeka sengathi ngumuntu ongafithi emsebenzini onqunyelweyo onjalo, ukwembula uMlayezo futhi ubathumela ukuletha uMlayezo.

22 Niyawazi umbono wami na? Ungahle ungabi semqoka kakhulu kangako, kodwa ngithanda ukwedlulisa umbono wami:

ngikholwa ukuthi kungenxa yokuhlakanipha kukaNkulunkulu, ukuthi Wayazi ukuthi babengeke bawemukele uMlayezo onjalo indlela Ofika ngayo. Wawungekho ekunambitheni kokufunda kwabo. Wawehlukile. Wawungesikho lokho ababekade beqeqeshelwe ukuthi Uyoba njengakho. Kwakuphambene nokuqonda kwabo kwesayense yezenkolo. Konke ukuqeqesha kwabo, konke ukufunda kwabo kwedlulwa, kuba yize. Ngikholwa ukuthi kwaba ngukuhlakanipha kukaNkulunkulu ukwazi ukuthi babengeke bawemukele uMlayezo onjalo.

23 Ngakho uMesiya wayelapha, futhi ufanele abekhona oWuqondayo. Futhi Wayebazi labo ababekade bengaxovekanga entweni enjalo njengaleyo. Wayezokwazi kakhulu ukufinyelelisa umlayezo waKhe eqenjini elingafundile, kunalokho Ayezoba yikho eqenjini elixovekile elalihlezi kakhulu ezindleleni zabo ukuthi akukho lutho olwaluzobaphendula, hhayi ngisho neZwi likaNkulunkulu.

24 Futhi manje, mngane ongumKristu, ake ngibuze lombuzo, ngabo bonke ubuqotho nothando. Ngiyamangala nje ukuthi Ubengenza isenzo esifanayo kulobubusuku, futhi athumele kithi lesisizukulwane iZwi elithenjisiweyo elethenjiselwe lesisizukulwane, ngiyamangala ukuthi osiyazi bakithi bezenkolo, nabafundisi bezemfundo, nabahlakaniphileyo, bebengeke yini bawenqabe uMlayezo ngokufanayo nje njengoba benza ngaleyonkathi na? Umuntu akaguquki, kanjalo neZwi likaNkulunkulu aliguquki. UnguNkulunkulu ongaguqukiyo, Akaguquki!

25 Qaphelani, iziNgelosi zifika futhi . . . IziNgelosi zifika futhi zinikeza uMlayezo wazo kumuntu womumo ophansi kangaka, ngenkathi kukhona indoda lapho kakhulu impela (ngokomhlaba ecatshangwa kanjalo) ekufanele kakhulu kunalaba abampofu, abelusi bezimvu abangakwazi ukufunda nokubhala. Umelusi wezimvu wayengongakwazi ukufunda nokubhala ukwedlula noma ngubani, wayengadinge kwazi lutho kuphela nje ngezimvu zakhe. Wayengadinge kwazi izibalo. Wayengadinge kwazi ukuthi le—lehlukaniswa kanjani iatomu isithako semvelo esincu. Wayengadinge-mfundaze. Wayefanele azi izimvu zakhe nje, yilokho kuphela ayedinga akwazi. Futhi uNkulunkulu, ukuHlakanipha okukhulu, uMthombo nengcebo yakho konke ukuhlakanipha, wayezosebenzisa umuntu onjengalowo (abantu, njalo, njengalowo), futhi edlule zonke izifundiswa ezinkulu eziqeqeshwe kahle esiqeqeshelwe ukwazi Lokho. Kukhuluma into eyodwa, ukuthi babeqeqeshwe ensimini engesiyo. Ekhuphuka edlula bonke abasemqoka bezwe; kwakukhona abantu abasemqoka, othisha abakhulu, uKayafase umpristi omkhulu, abaningi abanye indoda, bonke abakwaIsrayeli abafundile, onke amahlelo, nabo bonke osiyazi bezenkolo abaqhoshayo, uNkulunkulu wabedlula bonke! Manje, lokho ngukuhlakanipha kukaNkulunkulu.

26 Qaphelani, amaZulu Aphakeme kunawo onke esheshisa ukuhlonipha abomhlaba abathobe kunabobonke nabangafundile. OPhakeme kunabo bonke waseZulwini wehla ukwenza Yena uqobo aziwe kwabaphansi kunabobonke bomhlaba, edlula bonke maphakathi ukuzenza Yena uqobo aziwe kubelusi abejwayelekile; efikela ukunika lababelusi abejwayelekile uMlayezo omkhulu kunayo yonke yazo zonke izikhathi. Kwakukade kukhona izithunywa eziningi ezinkulu. Besingacabanga ngabo ngosuku lukaNowa, nabaprofethi, na—nabapristi abakhulu, kanjalonjalo, babekade bekhona ezinsukwini ezedlulayo. Indoda enkulu efundisiwe, amakhosi, amakhosi anamandla, amakhosi amakhulu, kodwa lapha Ufika nomkhulu kakhulu kunayo yonke imiLayezo. Wawuyini umlayezo na? "UMesiya ulapha manje!" Niyabo? Nokwenza lokho kwaziwe, Wabedlula bonke abaqeqeshiwe, ukuwazisa kubelusi bezimvu abathobekile.

27 Cabangani ngalokhu: bonke babefundisi basesontweni, bonke abamadoda ebandla, bonke abothisha, konke o—okokuqeqeshwa kosiyazi bezenkolo, yonke imali eyayikade isetshenzisiwe, onke amabandla, nezimfundiso, namahlelo, konke kwedlulwa! Konke ukufunda ababekuchithe kuzo zonke izi—zonke izimishini, nakho konke ukusuka kwenye inkolo uye kwenye, bonke ubulunga, nakho konke ababekucabangile ukuthi babenakho ukuhlonipha uNkulunkulu, nokho uMlayezo wukhiye wakho konke wedlulwa kubo. Kuxakile! Ngani na? Niyabo?

28 Futhi qaphelani, akusikho lokho kuphela, kodwa indawo engacatshangwa yesehlakalo esinjalo. Abelusi bezimvu, manje, kwaba nguye owemukela uMlayezo. Futhi manje qaphelani lapho uMlayezo wawukhona: endaweni engacatshangwa ukuba noma ubani angalindela ukuba Ufike kuyo. Futhi ngiyamangala, kulobubusuku, uma besibheke uMlayezo weqiniso weNkosi uJesu, ngiyamangala ukuthi Ubungebe yini seqenjini elingatshazwayo, indawo eyayi. . . ukuthi elikhulu, izwe eliphucuke ngokuphakeme nebandla namhlanje elingacabanga ukuthi laliyisigejane sa—sa, o, bakholwa okuphambene nokukholwa okuyikho na? Ngiyamangala ukuthi bekungebe yini yilapho ebesingaMthola khona na? Indawo engacatshangwa impela, nasezikhulumini ezingakufanele sampela. Abelusi bezimvu babengazi lutho ngokukhuluma, kuphela bebiza izimvu; awu, mhlawumbe yingakho Ufika.

29 Kodwa kwakukhona iZwi elithenjisiwe. Qaphelani, kungakwenza lokho futhi.

30 Wedlula bonke abadumileyo bezwe. Wedlula bonke abadumileyo, futhi wembulwa kubantu abangelutho. Bonke abadumileyo ababehlotshiswe ngo—ngobunkulunkulu bezobudokotela ne—nenjulamqondo, ne—nezimfundo eziphakeme, namahlalabhishobhi amakhulu nezinto,

konke kwedlulwa futhi kwembulwa kubantu abangelutho. Ukuhlakanipha, ukuhlakanipha okungenasiphelo kukaNkulunkulu uSomandla wakwenza, ukubazisa uMlayezo omkhulu kunawo wonke owake wabakhona, "Manje uMesiya usesemhlabeni." Ukuhlakanipha okunje pho! Kwakungavela kuNkulunkulu kuphela owazi ukuhlakanipha! Konke ukuhlakanipha kokufunda esikoleni, nakho konke, manje kwase kuchithiwe futhi kwedlulwa ngukuhlakanipha okukhulu kukaNkulunkulu. Ngiqhubeka nokuphinda lokho ngoba ngifuna kwehle kujule. Konke sekuchithiwe, kwakungasalungile. Kwakwedlula konke ukuvumela ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kube nendlela yokwedlula, ukuthi uNkulunkulu uthatha izinto ezingelutho ukuba enze izinto eziwutho.

31 Besingama lapha futhi sikhulume ngoJohane. Besingama futhi sikhulume ngoElija. Akekho owaziyo ukuthi uElija uvelaphi. Abakwaziyo kuphela, wabonakala nje enkundleni. Abaprofethi emuva eminyakeni, babengabantu abangelutho. Kodwa uNkulunkulu wathatha lokho ukuba...futhi wedlula i—isayense ephathelene nenkambo elungileyo yebandla, nokufundiswayo, ukwenza...akhombise ukuthi UnguNkulunkulu. Uthatha utho olungelutho, ukwenza utho ngalo. Ukhombisa ukuhlakanipha kwaKhe nobuNkulunkulu baKhe ngokwenzenjalo, ukuthi Uthatha izinto ezingelutho. Ngenkathi kuqala Enza umuntu, Wavele nje wathatha ibhola lobumba wayesenza umuntu ngalo. Lapho olwalungelutho kodwa ubumba, kodwa Wenza umuntu. Futhi uNkulunkulu uthatha izinto ezingelutho manje, ukuba enze izinto eziwutho ngazo. Futhi inqobo nje uma sicabanga ukuthi siyizinto eziwutho, khona-ke singesetshenziswe esandleni sikaNkulunkulu. Sifanele sishiye konke esesake sakwazi noma sakufunda. NjengoPawulu oNgcwele omkhulu, wathi wadingeka akhohlwe yikho konke ake akufunda, ukuze azi uKristu.

32 Konke ukufunda kwabo esikoleni, konke ukufundisa kwabo kanjalonjalo, kwakusebenza kuya kokubi kakhulu kwabo. Kwathi ekugcineni kwaMphika! Khona impela ukufunda esikoleni ababenakho *nga*Ye, ukuMkholwa, bajika base beba yisitha saKhe esikhononda kakhulu impela, futhi baMbethela!

33 Niyazi yini ukuthi umlando uyaziphinda njalo kaningi kakhulu na? Kuyiqiniso eliphawulekayo. Bekungenzeka futhi khona eceleni kwethu. "O," wena uthi, "Ukuba ngangiphile ngaleyonkathi,..." Awu, manje, uma ufuna ukwazi ukuthi wawuyokwenzani ngaleyonkathi, buka isimo sakho samanje manje; futhi ungabona ukuthi wawuyokwenzani ngaleyonkathi, ngoba ngempela kuyembula.

34 Beqeqeshelwe ukuba bakholwe iZwi laKhe, kwase kuthi-ke ngenkathi iZwi laKhe liqinisekiswa phambi kwamehlo abo,

baliphika iZwi elenziwa isiqinisekiso. Ngenkathi uNkulunkulu eqinisekisa Ayezokwenza, futhi wakusho Ayezokwenza, futhi wakufakazisa Ayezokwenza, base-ke bejika base bebiza lendoda ngo "moya omubi" (okwabaqalekisa bonke). Cabangani ukuthi kwenzekeni! Cabangani ukuthi kwababangela ini; ukuqeqeshwa kwabo kwababangela ukuba bangaliqondi lona impela iZwi elenziwe inyama losuku lwabo; khona impela ukuqeqeshwa ababenakho ezikoleni zabo, nabo impela othisha abedlula bonke.

35 Futhi wena uthi, "Awu, besingeke sakwenza lokho namhlanje." Othisha babo babekude ngokuphakeme kakhulu kunabethu namhlanje (abakhulu, njalo, kothisha bethu), futhi behluleka. Babengenazo izinhlangano ezehlukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha njengoba sinazo namuhla. Babenezithi azibe ntathu. Futhi kokuthathu, kulandele kwehlele kokuthathu, futhi akukho nakunye kokuthathu okwaLiqondayo! Nje kuyakhombisa ukuthi umuntu akwenzayo kungubuwula kuNkulunkulu. Niyabo?

36 Manje, behluleka ukuLiqonda. Manje . . . Futhi bebezokwenza into efanayo futhi.

37 Umuntu . . . Inhloso inhle, inhle njalo. Nomuntu akakuguquli neze ukuma kwakhe, akaziguquli neze izindlela zakhe kakhulu kangako; ngikhuluma ngomuntu wasezweni. Umuntu njalo udumisa uNkulunkulu, umuntu okholwayo, ngalokho Akwenzile, futhi njalo ukhomba abantu kulokho Azokwenza, bese-ke engakunaki lokho Akwenzayo! Niyabo? Lowo ngumuntu nje, wenziwe ngaleyondlela, ubehlala njalo engaleyondlela. Nani bafundi beBhayibheli kulobubusuku niyazi ukuthi lokho kungokweZwi, "kunjalo." Bahlala njalo bedumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, besho Azokwenza, futhi bengakunaki Akwenzayo. Leyo nje yinjwayelo yomuntu.

38 Isizathu sokuthi babenze lokhu, othisha, ngowami umbono manje: babehumushe iZwi, ngoba bonke babekholelwa kuMesiya ozayo. Wonke uIsrayeli wayekukholwa, basakukholwa namanje. Kodwa isizathu ukuba banga*M*qondi, uMlayezo waKhe wawungekho ngokufitha kobufundisi babo. Ba . . . ukuhumusha kwabo ababenakho kweZwi, uMesiya akazange Azibonakalise ngendlela ababehumushe ukuthi Uyokwenza ngayo. Ngakho, futhi ngakho-ke, abaMqondanga ngoba Alizange lifithe ukuhumusha kwabo. Njengoba ngishilo ngaphambili, futhi ngiyasho futhi, "UNkulunkulu akadingi-muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe. Ungumhumushi waKhe Yena."

39 Manje, iBhayibheli lithi . . . Ake angikufakazise kini manje ukuthi lelo yiQiniso. UIsaya umprofethi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nanhlanu ngaphambi kokuba lokhu

kwenzeke, uIsaya umprofethi wathi, "Intombi iyakukhulelwa, izale umntwana." Akukho kungabaza ukuthi bonke abantu ngalowonyaka babecabanga ukuthi indodakazi yabo yayizoba yilowo wesifazane, ngoba uIsaya wakusho. Kodwa, niyabo, kwaba seminyakeni engamakhulu ayisikhombisa kamuva. Kodwa ngenkathi . . . UNkulunkulu wayengadinge-muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe, ukuthi Uyokwenza nini, noma ukuthi Wayezokwenza kanjani. Wathi Wayezokwenza, futhi Wakwenza!

40 UNkulunkulu wethembisa ukuthi U . . . ngale kuIsaya, futhi, ngikholwa ukuthi isahluko 28, cishe ivesi 18. Kanti nakuJoweli 2:28, ukuthi ngezinsuku zokugcina, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugcina, Wayezothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama. Wathi, "Amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha. Insizwa yenu iyobona imibono. Omdala wenu uyophupha amaphupho." Nezinto Ayezozenza, uIsaya wathi, "Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu, nalokhu ngukuPhumula." Kodwa abaLizwanga. Banikina amakhanda abo futhi baLedlula. Wathi, "Onke amatafula kaNkulunkulu ayezogcwala ubuhlanzo, kungabibikho okuhlanzekile." Futhi uma leso kungesiso isithombe seJerusalema, nebandla langalolosuku ekufikeni kukaMesiya, yisithombe namhlanje esifanayo. Kuyaziphinda nje.

41 Manje, uma uNkulunkulu ethi Uyokwenza into, Wayenza. Kungakhathaleki ukuthi ubani omunye ucabangani ngayo, ukuthi noma ubani uthini, uma uNkulunkulu ekhuluma ngento ethize, Ubophezelekile ukuhumusha leloZwi qobo lwaKhe. Nokuqinisekisa kwaKhe kweZwi kungukuhumusha kwaKhe Yena. Qaphelani, eqinisekisa uMlayezo kaMesiya waKhe. Wethembisa okwakuzokwenziwa nguMesiya uma Efika. Futhi lapho Esefikile . . .

42 Ngisho nangenkathi isazi empumalanga sasibheke phansi ngaseningizimuntshonalanga, ukusuka lapho ababekhona eBabiloni, futhi babona inkanyezi yobukhosi. Benazi yini ukuthi akukho ngisho nechashaza lomlando, ndawo, ukuthi noma yikuphi ukuhlolisisa (lapho abagcina khona ngisho nesi—si—sikhathi ngezinkanyezi, indoda adumile eyatadisha lezizinkanyezi) . . . Akukho-mlando othi noma yimuphi owawo owayebone leyonkanyezi nhlobo. Ngani na? Kwakunganikiwe wona, ayengakubhekile okunjalo. Kodwa lezi isazi zazi ukuthi kwakuzoba khona iNkanyezi kaJakobe evelayo, futhi zaziYibhekile, futhi Yedlula esikhathini uJesu azalwa ngaso eBetlehema . . .

43 Manje, ngiyawazi amasiko akithi amaKristu, kufana namabandla akithi nje, linezinto ezithe gombokoqo. Uyaphuma lapha futhi ubona isazi siza ukuzokhonza ingane; ayikho into enjalo emBhalweni. Eminyakeni emibili kamuva zafika lapho,

ziza zehla emathafeni nangaphesheya koMfula iTigrisi. Azifikeli khona neze ukuzokhonza ingane esancelayo, kodwa umntwana omncane cishe oneminyaka emibili ubudala. Kwakungani, ngesikhathi esifanayo, uHerodi wabulala bonke abantwana abasukela eminyakeni emibili ubudala kwehle na? Ukuze abambe uMesiya. Niyabo, ba... UNkulunkulu wayeqinisekise ngeZwi laKhe.

44 Futhi ngenkathi lezi isazi zifika eJerusalema... Inkanyezi yaziholela ekomkhulu lezenkolo lezwe, iJerusalema. Futhi kwathi nje zingangena kulawomasango, leyonkanyezi (engaphezu ikwemvelo elikhulu eyayibaholile) yala ukuba ibe isabakhombisa. Phansi-phezulu nemigwaqo lena indoda ekahle, isicebi namakameli agqokisiwe, kanjalonjalo... ehla enyuka nemigwaqo ethi, "Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda. Sibonile inkanyezi yaKhe kwelasempumalanga." Nalelo ikomkhulu elikhulu lezenkolo, emva kweminyaka emibili yoMlayezo wabelusi bezimvu, babesalokhu bengenayo impendulo noma bazi lutho ngaWo. Inhloko yawo onke amahlelo yayingenayo impendulo.

45 Ngakho kwayiphazamisa iSanhedrin, futhi babiza abaBhali ukuba beze bafunde. Futhi bafunda indaba kaMikaya, umprofethi owathi, "Wena Betlehema, awusiye omncinyane kubo bonke ababusi bakwaJuda (omncinyane), kepha kuwe kuyakuvela umbusi oyakubusa abantu baMi, uIsrayeli." Futhi emva kokuba imiBhalo isifundiwe (futhi isalokhu iqinisekiswa phambi kwamehlo abo), babesalokhu bengaWemukeli, nakuba umBhalo washo njalo. Ngingabaza kakhulu impela ukuthi bebengawemukela namhlanje, uma imiBhalo othenjiselwe lolusuku ubungabonakaliswa. Ngingahle ngingaphinde ngishumayele kini, kodwa ngifuna nikuthole lokhu. Bangabe besalokhu bengakholwa!

46 Ukuhlakanipha okukhulu kukaBaba kwenza ukuhlakanipha komuntu kube ubuwula kakhulu ngangokuthi Uyamehlisa umuntu. Ufika empeleni endaweni kuya lapho kwenza khona umuntu ukuba azizwe enamahloni kakhulu ngaye, futhi akamkhulu ngokwenele ukuba avume ukuthi use "phutheni." Usalokhu ehlezi nomlando wakhe, akunandaba ukuthi uBaba ulifakazisa kangakanani iZwi laKhe ukuthi liqinisile futhi Wenza nje lokho Athembisa ukukwenza. Umuntu ucabanga ukuthi ukuhlakanipha kwakhe kukhulu ngaphezu kukaNkulunkulu, uma kungafiki ngokuhlakanipha kwakhe, "Ngani, Alinjalo." Lokho kuqinisile kuyo yonke iminyaka, kusalokhu kwenza. Niyabona ukuthi yonke indaba yayifitha kanjani, manje na?

47 Ugqozi olunje pho kulabobelusi! IziNgelosi zehla ukuba zikhulume nabelusi, iziNgelosi zikaNkulunkulu ziza ukuzokhuluma nesigejane sabelusi bezimvu.

48 Angazi noma senake naba nayo yini inhlanhla yo—yokukhuluma nomelusi wezimvu noma ukuba naye oyedwa, isikhashana na? Uma ubungake ube naye, a—angifuni ukukusho ngenxa yokuphawula kwami engilungiselela ukukusho emva kwesikhashana, kodwa umelusi wezimvu uhlala nezimvu kakhulu ngangokuthi uze ahleke ngisho njengezimvu (ekhala njengemvu), ukhuluma njengezimvu, futhi unuka njengezimvu. Kunjalo, ngoba ukanye nezimvu. Yilokho kuphela akwaziyo, yizimvu zakhe.

49 Manje, iZwi leQiniso eliqinisekisiwe. Ngenkathi lababelusi bezimvu, abathobekile, indoda engafundile. . . Ukuhlonishwa okunje pho, kufanelana kanjani pho nomelusi wezimvu ukwemukela umlayezo wemvu ezelwe ngokusha. Wawungeke ufike kwilutho olunye ngaphandle komelusi wezimvu. Yingakho Azalelwa esitebeleni, futhi kungesikho endlini. Izimvu azizalelwa endlini, noma egunjini lasesibhedlela elihlotshiswe ngokuphinki. Niyabo? Zizalelwa esibuyeni, nasemadlelweni.

50 Yingalesosizathu Wa*holelwa* eKalvari. Ungeke wenza imvu ukuba ihambe endleleni yokuwela eyenziwe ngamaplangwe iye ekuhlatshweni. Benikwazi lokho na? Emagcekeni okuhlabela, banembuzi ehola izimvu. Futhi uma ikhuphukela lapho okukhona khona indawo yokubulalela, igxumela ngaphandle bese idedela izimvu ziqhubeke. Imvu iyaholwa, ayikwazi ukuzihola yona. Ngakho, ngakho-ke, kwafanele kube ngumelusi wezimvu ofikela i. . . izimvu zakhe. Ngenkathi bethola ingane-Nkulunkulu lapho isithunywa sasithe Wayezoba yiyo, futhi ngenkathi bethola loMlayezo—Mlayezo wesithunywa emkhombeni, khona impela iziNgelosi ezazithe Uyoba khona.

51 Manje, ngizwile abantu bethi, "Ingelosi yakhuluma kimi, Yathi, '*kanje* na*kanje*.'" Kuyinsini kanjani ngesinye isikhathi; futhi ngibezwile abantu bethi iNgelosi yakhuluma kubo, futhi yabatshela "*kanje* na*kanje*" okwakuphambene uqobo neZwi. Manje, yayingakwenza kanjani iNgelosi lokho na? Kwakungeke nje. Futhi uma uNkulunkulu wakutshela ukuthi into *ethize-thizeni* iyokwenzeka (wena *uthi* Wakutshela lokho), futhi ayenzeki, khona-ke kwakungesuye uNkulunkulu ekhuluma kuwe. Khumbulani nje, kunjalo. UNkulunkulu akawaqambi amanga. Akatholakali emangeni.

52 Ngenkathi bethola ingane, kufanele ukuthi kwaba yinjabulo enjani nje kubo. Ngoba iNgelosi eyabanika umlayezo, bawuthola ngayo impela nje indlela iNgelosi eyayithe uyoba ngayo, futhi nje endaweni lapho iNgelosi yathi uyoba kuyo. Kufanele ukuthi kwakuyinto enkulu kubo!

53 Emkhombeni, ngani na? Niyabona ukuthi intokomalo lababelusi ayekuyo esitebeleni na? Nicabanga ukuthi usiyazi wezenkolo wayeyoba kukuphi lapho na? Wayeyobeka uphini phezu kwekhala lakhe, bese ethi, "Ngikhipheni kulendawo."

Niyabo? Wayeyoba sendaweni engamfanele nhlobo, wayeyoba sosizini.

54 Kodwa, niyabo, kwaku "sekhaya nje" kubelusi bezimvu. UNkulunkulu uyazi ukuthi uwuthumela kuphi uMlayezo waKhe. Niyabo? Kunjalo impela nje. Kulesisimo abelusi bezimvu ayekuso ngaleyonkathi, esitebeleni sabo neWundlu labo, uMlayezo oqinisekisiwe ababewuzwile. Muhle kanjani! Ebukhoneni bukaMesiya, iZwi eliqinisekisiwe loMlayezo wabo. Ngenkathi abelusi bezimvu bezwa ukuthi uMesiya wayesemhlabeni, futhi beza ebukhoneni baKhe, khona enhlalweni yabo uqobo, (futhi bathola uMlayezo ukuthi uqinisile, waqinisekiswa lapho) kufanele ukuthi lawo indoda kwawenza azizwe kanjani, ukuthola ukuthi uNkulunkulu wayewenzele lento enkulu.

55 Ngani, izifundiswa ezinkulu zazizoba sendaweni engazifanele nhlobo lapho, phansi kwezici ezinjalo, babeyoshiya ngokukhulu ukushesha. Ngani na? IsiThunywa siza kubelusi abejwayelekile. Mhlawumbe babengeke babe ngisho se... laba...Abanye balaba belusi ngahle ukuba babekade bengakwazi ngisho ukusayina igama labo uqobo, ngiyangabaza impela. Niyabazi abelusi uJesu abakhetha ngenkathi Elapha emhlabeni, ukwelusa izimvu zaKhe, "UyaNgithanda, Petru, kunalaba na?"

56 "Yebo, Nkosi, Uyazi wena ukuthi ngiyaKuthanda."

57 "Yipha izimvu zaMi." NeBhayibheli lasho ukuthi uPetru wayeyindoda engazi lutho engafundile. Usalokhu ekhetha abelusi bezimvu.

58 Amalunga ebandla alezozinsuku ezedlule, nabapristi, nomphakathi oqeqeshwe kahle ngalolosuku wawuyoba sendaweni ongayifanele nhlobo esitebeleni. Manje, anginasiqiniseko impela ukuthi abaningi benu bebengaqonda (mhlawumbe, nina bantu basedolobheni) ukuthi istebele saseJudiya sinuka kanjani, ukuthi sasibukeka kanjani, njengezilwane kulesositebele, nokuthi kufanele ukuthi kwakunjani. Ngani, abanye balaba abagqamile banamhlanje bebeyoba sendaweni engabafanele nhlobo lapho, be—bebengeke bangene ngisho emnyango. Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu, ngokuhlakanipha kwaKhe okungenasiphelo, ukuLembula kwabanjalo abayoLemukela. Izifundiswa ezinkulu, nesazi sangalolosuku zazingeke ngempela ziLemukele. Zaziyokwehliswa isithunzi kakhulu ukuba zibanjwe endaweni enjengaleyo.

59 Ngani, indawo yokuqala, ukuba babebuyele ebandleni labo, futhi bafakazisa ukuthi babethamele umhlangano onjalo, futhi basikholwa isigejane sabelusi bezimvu abangafundile beletha isimanga esivelile esinjalo, babeyoxoshwa ebandleni labo. Babeyophoswa ngaphandle komphakathi waseBetlehema,

ukuba babebanjwe belalele isigejane sabantu esinjalo esingafundile njengoba lababelusi wayenjalo. Behliswa isithunzi, babeyoba njalo ngempela. Ukuba babezihlanganise nabafokazana kanjalo, futhi nokuthi . . . bemukela ukukholwa okuphambene nokukholwa okuyikho njengokukholwa ukuthi uNkulunkulu wayezoletha uMlayezo waKhe esigejaneni sabelusi bezimvu abangafundile, ngenkathi babekade benayo yonke into ilungiselelwe khona. Babeyolahlekelwa ukungeniswa kwabo enhlanganweni, babeyofanele banikele ngamaphepha abo, futhi babengeke bakwazi ukuba baziwe phakathi komphakathi wamaqembu abo angalolosuku; ngoba babezihlanganise nento enjengaleyo, futhi hhayi nengqondo engcono.

60 "Ungalokotha kanjani!" umpristi wayeyothi. "Niza endaweni yami engcwele lapha nokukholwa okuphambene nokukholwa okuyikho okunje, nobuwula obunje, omunye umahlathini ongafundile phandle lapho onga . . . ongayanga e . . . encwadini yokuqala. Futhi akholwe ngumlayezo onjalo, ukuthi 'I Ngelosi yehla yase ikhuluma kubo'?"

61 Kodwa ukuba-ke indoda yayithe, "Ngawubona uMlayezo wakhe uqinisekiswa"?

62 Wayezothi, "Ake ngikunike amaphepha akho masinya. Futhi uphume kulomphakathi!" Izikhathi ziyashintsha, kodwa abantu abashintshi. Mhlawumbe bekungenzeka futhi namhlanje, bebezophoselwa ngaphandle kwamabandla abo.

63 Kodwa abelusi bezimvu bazizwa ngokuphelele bethokomele kuleyondawo beneWundlu likaNkulunkulu. Futhi noma yimuphi umelusi wezimvu wenza into efanayo. Uma umelusi omuhle phezu kwezimvu engabona iZwi likaNkulunkulu licacisiwe futhi laqinisekiswa, ngalokho Athembisa ukukwenza, lowomelusi usekhaya ngqo. Angikhathali ukuthi noma ubani omunye uthini, lapho "uNkulunkulu waLithembisa, futhi uNkulunkulu waLenza."

64 Bathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa umBhaphathizo kaMoya. Ayikho into okuthiwa ngumBhaphathizo kaMoya oNgcwele, lokho kwakungokwabaphostoli."

65 Kodwa umelusi wezimvu weqiniso weZwi ake aLishumayele, ngamandla okuvuka, ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade! UPetru wathi ngosuku lwePhentekoste, "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke abakude, ngisho nalabo njengabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Noma Ibiza kuphi, isithembiso nesibusiso esifanayo siqinisile. Futhi akuthi umelusi wezimvu wangempela ondla ngeZwi akubone lokho kuqinisekiswa, bonke osiyazi bezenkolo ezweni bangeke baLisuse kuye; kodwa uyazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo,

futhi kuyenzeka. Yilokho kuphela. YiZwi likaNkulunkulu njalo nje. IZwi laKhe lenziwa inyama futhi lalihlala phakathi kwabo, futhi abaLazanga.

66 Wethembisa into efanayo ngalolusuku. Angazi noma besingaLiqonda na? Abazidlayo nabahlakaniphile babengakaze bayemukele into enjengaleyo. Futhi babekholwa ukuthi uma kwakukhona into enjengoMesiya emhlabeni, ngempela Yayizofanele ifike ehlelweni labo. Kwakuzoba yiqembu labo elalizoKwemukela, kungenjalo "Kwakungalungile." Manje, cabangani kanzima impela nje. Uma kungekho eqenjini labo, khona-ke . . . Niqaphelile, ngaleyonkathi na? UNkulunkulu akazange neze akhethe noma yimuphi weqembu labo, kodwa Wakhetha lowo owayengaxhumene nanoma yikuphi kwakho. Ngoba iqembu elilodwa laliyothi, "Niyabona ukuthi senzani na?" Futhi bebengenza okufanayo namhlanje. Kodwa uNkulunkulu ukhetha umuntu ongelutho, yingalesosizathu Akhetha umelusi wezimvu. Abelusi bezimvu wayesekhaya ngokugcwele newundlu-Nkulunkulu phakathi kwabo, iZwi laKhe lenziwa inyama phakathi kwabo. Ukuqhosha nezazi azizange ziLemukele, ledlula ngakuzo.

67 Futhi besingasho okuningi kakhulu namhlanje, noma kunoma yimuphi omunye unyaka. Kwakuyizinto ezifanayo ezinsukwini zika Martin Luther. Into efanayo ezinsukwini zikaJohn Wesley. Kwakuyizinto ezifanayo ezinsukwini zama Pentecostal. Kodwa uNkulunkulu akameli-nhlangano zomuntu! Wasusa uMoya waqhubeka ngqo ukuqinisekisa iZwi laKhe! Kwakuzofanele kube njalo futhi kufike ezingeni lomkhandlu wabo uqobo kungenjalo babengeke baLemukele. Njengoba bemakhanda-aqinile namhlanje, onke amabandla, ukuthi ba "zokwenza *okuthize-thizeni*, futhi bahlanganise onke amabandla ndawonye." Uma bebheke isithunywa manje, esingahlanganisa onke amaProtestane, amaKatolika neBandla lomthetho, yonke into ndawonye, senze ibandla elikhulu elilodwa.

68 Manje, bazalwane, ngibe nethuba lokushumayela emakhulwini ezinkolo ezihlukene, futhi kunendoda elungileyo kuzo zonke. Kodwa manje, nikhumbule, ngiyaprofetha, "Zonke izinhlangano ziyofanele zikuvume lokhu, noma zingabi yinhlangano. Iyakuphoqa." Nilifundile iphepha laseTucson namhlanje lapho abapristi bamaKatolika besiza khona ekugcobeni, ephepheni . . . besiza ekugcobeni, eMissouri, umfundisi wasesontweni lamaProtestane na? Futhi ubani owayehlela na? IPresbyterian, amaBaptisti, iLuthela, iAssemblies of God. Kusephepheni laseTucson namhlanje.

69 O, kuyethusa! Akusiyo indoda phakathi lapho, yilezo zobufundisi, izinhloko zikahulumeni ezisonta into phakathi lapho, inqubo eniphosela kuyo noma niyathanda noma qha. Ngeke nisaba yinhlangano futhi niphunyuke kulolulaka oluzayo

phezu komhlaba, futhi bonani ukuthi akunjalo yini. Ngingahle ukuba ngiyobe sengahamba uma sekwenzeka, nibheke emuva kwenye yalamateyipu. Bese kuthi-ke uma kwakungesikho, ngingufakazi wamanga. Uma kwakuyikho, ngikhulume iQiniso.

70 BabeyoKubiza ngokuthi "olunye uhlobo oluthize lokusebenza komoya omubi" uphikisana nokucabanga kwabo okuyikho. Nizwa kakhulu impela namhlanje ngokucabanga okuyikho: nivele nibeke umqondo wenu kunoma yini, futhi nicabange ngokuyikho ngakho. UDeveli angakwenza lokho! Yinye kuphela into ebusa phezu kwakho konke, nalelo yiZwi likaNkulunkulu. Uma nicabanga okuphambene neZwi, khohlwani ukucabanga kwenu. Cabangani ngeZwi.

71 "UMesiya," bacabanga, "wayengeke atholakale endaweni enjengaleyo, imfucumfucu enjengalokho."

72 Ungathini nje okahle, umpristi ophakeme omkhulu, noma umfundisi wasesontweni, wonke ephuculwe kwisayense yezenkolo, ehlele esitebeleni esigcwele umquba na? Futhi emukele uMlayezo wompofu, umelusi wezimvu othobile owayengenamfundo, futhi afike athi "Uyabo, ngingaWufakazisa kuwe, yile iNgane, yilesi isiThunywa"?

73 Futhi niyazi ukuthi labobantu babeyothini? "Indoda iqotho, iqotho kulokho Ekushoyo, kodwa inephutha uqobo!"

74 Ngibabonile abantu bephila izimpilo ezilungileyo impela abantu baze bangakholwa, bangasho lutho ngabo, kodwa bathi "Unephutha ngeqiniso. Akazi nje ukuthi ukhuluma ngani. UNkulunkulu Ubengeyenze into enjengaleyo."

75 Kodwa lapha babenobufakazi obubonakalayo! Futhi emva kobufakazi obubonakalayo, "Yenyukelani lapho esitebeleni futhi nibone ukuthi leyongane ayilele yini lapho."

76 Bathi, "Uthakathwe wumoya othile omubi, okubangele ukuba usho into enjalo." Nokho kwakuhambisana neZwi likaNkulunkulu! Futhi babephuphutheke kakhulu ukuba baKubone, ngoba isayense yabo yezenkolo yayibaphuphuthekisile. Isigemegeme esinje pho!

77 "Babanjwa endaweni enje pho? Emfucumfucwini enje pho lokho okwakuyikho? Esitebeleni?" Ngenkathi babenendawo enhle yaKhe ukuba eze, babenayo yonke into elungiselelwe Yena ukuba afike, bese kuthi-ke ukucabanga ukuthi Wayezokwehla (futhi ahambe) futhi angabaniki othisha babo uMlayezo. "Futhi aWunike abelusi bezimvu abangafundile na? Bese-ke Eletha iNdodana yaKhe uqobo, abe naYo izalwe e—esitebeleni na? Indawo yokuqasha amahhashi ejwayelekile? Awu, e—emkhombeni wefolishi na? Ngani, kwakungeke kwabanjalo!" Babengeke baWukholwe, ngoba Wawuthobeke kakhulu.

78 Futhi Ulula kakhulu, yingakho ohlakaniphileyo eWeqa njalo. Ulula kakhulu, Uyabasanganisa. Babebheke

uNkulunkulu phandle kude lapho, kanti Ukhona lapha. Niyabo? Babheke into ethize kude ngaleya, kanti ikhona lapha kanye nabo manje: uKristu, evukile kwabafileyo, onguye izolo, namuhla, naphakade.

79 Zonke izinto zabo ezinkulu zedlulwa. Kodwa ngempela kwakuyiQiniso, ukuthi "nanguya uMesiya wayekhona." Siyakwazi namhlanje. Siyakukholwa namhlanje. Siyakwemukela namhlanje.

80 Kodwa manje-ke uma uNkulunkulu ethembisa into ethize yaloKhisimuzi, wethembisa into ethize yalolusuku, futhi Iyafakazisa ukuthi kunjalo, futhi sisalokhu sihamba sisuke kuYo, sisesigabeni esifanayo nje bona ayekuso (emuva lapho ngalolosuku) lokho kwaYedlula; ngoba aYi—yifiki ngokunambitha kwehlelo lethu. Yingakho sisemfucumfucwini enjalo ngaloKhisimuzi.

81 UJesu Kristu akafile, Uyaphila. Ulapha namhlanje! IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade," Wathi, kuJohane oNgc. 14:12, "Okholwa yiMi . . ." (hhayi lowo ozenzisayo, o*thi* uyakholwa) "Okholwa yimi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza. Neminingi kunalo uyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba." Futhi ngiMbonile, empilweni yami uqobo, enza, okuningi kakhulu kwemisebenzi efanayo (Ayenza ngaleyonkathi) kunaleyo elotshwe emakhasini aleliBhayibheli. Futhi kweqa phezu kwekhanda labo nabahlakaniphile namhlanje, futhi kwembulwa ezinganeni zona eziyofunda; njengoba uJesu azikhulekela. Kuqinisile, Wenze eminingi kunaYe . . . Ngibonile osukwini lwami, enkonzweni yami yeminyaka engamashumi amathathu-nantathu, ngiMbonile enza okuningi kunalokho engikufunde ngaYe ekwenza eBhayibhelini; okuningi kakhulu kwento efanayo.

82 Kodwa akunandaba ukuthi Wenzani ngalesosikhathi, nicabanga ukuthi iSanhedrin yaMkholwa na? "Awu," bathi, "uthakathiwe." Kodwa, tholani, lapho abenza khona iphutha labo kwakungukuthola . . . ekutholeni, hhayi lokho okwashiwo yisivumokholo sabo, kodwa lokho iZwi elalithe uMesiya uyokwenza ngosuku lwabo. Futhi yilapho esenza khona iphutha namhlanje, singahloli imiBhalo. UJesu wabatshela, "Hlolani imiBhalo, kuyo enicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyona efakaza ngaMi. Iyanitshela ukuthi NginguBani."

83 Qaphelani, uNkulunkulu wayazi ukuthi babezokwenza lokhu, yingakho nje ukuthi *kungani* kwafanele Awuyise kubelusi. Wayazi ukuthi babengeke bakwenze, babengeke baWemukele. Manje niyabona ukuthi kungani kwafanele kube ngabelusi na? Kungani kube abelusi na? Osiyazi bezenkolo babengeke baWemukele. Kungani kube abelusi futhi na? WaWuyofika uphambane neZwi laKhe na? Qhabo!

Babengabelusi, babezazi izimvu; futhi Wazalelwa lokho, imvu, iwundlu. Qaphelani, WayeyiWundlu. Babe—babeyilonahlobo kuphela olwaluzoMemukela. Umelusi wezimvu kwakuyiyonanto kuphela eyayizokwemukela iWundlu. Babazi ukuthi Unakekelwa kanjani, futhi kunjalo nanamuhla uma sithola uMlayezo weWundlu.

84 Manje—ke okwethusayo! Ethobe kunabo bonke kakhulu, indoda engafundile ikhuleka kuEmanuweli esitebeleni. Okukhulu impela . . . Futhi kwakukhona abanye abantu phandle lapho, ezinsukwini ezifanayo, befundisa isayense yabo yezenkolo. Izixuku ezinkulu, zidonsa ndawo zonke, ezweni lonke, beza emihlatshelweni uJehova athi wawu "yiphunga elibi emakhaleni aKhe." Futhi lapha kwakungabelusi abazithobile, esitebeleni, bekhonza uEmanuweli; uNkulunkulu uqobo lwaKhe enziwe inyama, futhi elele esitebeleni. Niyabo, ukuthi thina sikanjani nokufunda kwethu okukhulu, nekhanda lethu liqethuke sengathi kukhona esikwaziyo, noNkulunkulu edlula yonke into. Niyabo? Wenza lokho Athembisa ukukwenza, futhi Ukwenza njalo lokho. Kodwa cabangani ngalababelusi abaphansi phandle lapho manje bekhuleka kuEmman- . . . Emanuweli esitebeleni. Kwethusa kakhulu. Impela kunjalo!

85 Manje—ke phandle . . . Emva kokuba sebekhulekile kuYe, futhi baqonda ukuthi uMlayezo ababekade bewushumayela wawuqinisekiswa, lapho ba . . . babephandle bedumisa uNkulunkulu ngoMlayezo ongakholeki kakhulu impela weNgelosi. Manje qhathanisa lokho nenamhlanje. Yimani umzuzu nje futhi nicabange. Umuntu phandle ekhuleka kuNkulunkulu, futhi eMdumisa ngalokho abakubonile, lokho akuzwa, ayekwazi ukuthi kwakuyiQiniso, noMlayezo owawungakholeki emqondweni wesihlakaniphi. Wawuphambene nakho konke ukucabanga kobufundisi, nokho wawuyiQiniso! UyiQiniso! BaWukholwa. Futhi manje, kungaba ubuwula impela ukuhlakanipha komuntu! Bethi-ke ikwaya yeziNgelosi yacula kubo iculo lokuqala likakhisimuzi. Ungathini nje lokho na? Ukuthi umelusi wezimvu owayengakwazi ukubhala igama lakhe, enuka njengesibayana sezimvu, ehamba ehla ngomgwaqo, empompoloza, "Udumo kuNkulunkulu kweliPhezulu! Siyazi ukuthi Usemhlabeni!"

86 Umpristi wathi, "Leyondoda isangene ingqondo. Bhekani amabhuku futhi nibone ukuthi iyilunga lebandla lethu yini. Isiphoxa ngempela ngezifundiso zayo eziphambene nenkambo elungileyo. Isuseni kithi. Asizukuphoxeka phakathi kwabantu."

87 Awu, ungaphoxeka phakathi kwabantu futhi ukhazimuliswe ebusweni bukaNkulunkulu; noma uthathe ukukhetha kwakho, ngoba, khumbula, ukunambitha kwabefundisi kosuku akufithi eZwini likaNkulunkulu. Akukho-makhulu ayisisishiyagalolunye namashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye eminambitho

ehlukene yaLo. Ngumnambitho owodwa, iZwi elilodwa, uNkulunkulu oyedwa. Yilokho kuphela.

88 Bethi iziNgelosi zacula iculo likakhisimuzi lokuqala kubo, kanti futhi besho ukuthi "banoMlayezo ovela eNgilosini." INgelosi yabonakala kubo, ibanika uMlayezo, futhi bahamba base bethola ukuthi lowoMlayezo wawuyiQiniso. Futhi bethi, "Ngaphandle kwalokho, iNgelosi yacula iculo lokuqala likakhisimuzi kithi."

89 "Ungathini nje?" Bathi, "Lowomfo ozihluphekelayo." Babengeke babe nanoma yiyiphi into enjengaleyo ukuba yenzeke phakathi kwabo, niyazi, ngakho kwakuthi ukuba yimfundiso exakile kubo. Futhi yingaleso sizathu bengakwazanga ukuWuthola emiBhalweni, kwakungesikho okwabo ukuba baWuthole. Kungakholakali kwabahlakaniphileyo, akukho sehlo esinjalo esake senzeka kubo. Akukholakali, kodwa Wawusalokhu uyiQiniso. YiQiniso, siyazi ukuthi UyiQiniso. Cabangani! Abokuqala abaphendulwa nguKristu nebandla lokuqala kwakungamadoda ezimvu, hhayi abefundisi basesontweni; amadoda ezimvu, abelusayo. Kungani abelusi bezimvu na?

90 Qaphelani! Phandle bedumisa futhi bekhazimulisa uNkulunkulu ngalokho ababekade bekubonile futhi bezwa, bezwa iziNgelosi zicula kungokokuqala kuzo esidalweni esingumuntu. IziNgelosi zazingakaze zicule esidalweni esingumuntu ngaphambili. Futhi bukani amakhwaya, ukuthi ayekade eme kanjani awaqeqesha awaqeqesha lawomaphimbo, "ayezocula ekuzalweni kukaMesiya," futhi edlulwa onke! NeziNgelosi zehla zase zicula endodeni yezimvu ejwayelekile, hhayi egqoke izingubo zobufundisi, kodwa egqoke izingubo zabelusi bezimvu. Futhi bukani ukuthi obani abathola uMlayezo wokuqala, akukholwakali.

91 Nalapho eyanikezwa khona, hhayi emahlalabhishobhi, kodwa ehlane, phandle ehlane lapho iziNgelosi zeNkosi ezafika khona. Hhayi esontweni, ehlane. Akemukelwanga ngisho nasesontweni. Babecabanga ukuthi Wayemukelekile, futhi babecabanga ukuthi babenaWo, kodwa uNkulunkulu wafakazisa ukuthi kwakungalungile. "Angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Kunjalo.

92 Okokuqala ukuba iziNgelosi zike zicule emgubhweni, kwakuseZulwini. Uma nizobheka kuJobe 38:7, (njengoba ngibona abanye benu bethatha amanothi), ngenkathi uNkulunkulu kuqala eplana ukwenza okudaliweyo kwaKhe kokuqala, umhlaba. UJobe wayengedumile, indoda ekhaliphile, futhi wayenazo zonke izinhlobo zokuhlakanipha. Wathi, "Uma ngikhuphukela ezimakethe, amakhosana amancane, onke akhothama phambi kwami, futhi nje ngifuna umzuzwana

wokuhlakanipha kwami." Futhi akakwazanga ukuqonda ukuthi kungani wayephathwa ngendlela aphathwa ngayo.

93 Futhi ngakho uNkulunkulu wambuza, wathi, "Bopha izinkalo zakho njengendoda, ngoba Ngiyehla ukuba ngikhulume kuwe." Futhi ngenkathi uNkulunkulu ehla esesikhwishikhwishini, Wathi, "Jobe, wawukuphi Ngingakabeki izisekelo zomhlaba na? Lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu enanela ngokujabula, wawukuphi ngaleyonkathi, Jobe na?" Futhi wabohliswa ngalesosikhathi. "Wawukuphi na?"

94 Niyabo, okokuqala ukuba iziNgelosi zike zicule emgubhweni, kwakuseZulwini. Kodwa okokuqala ukuze zicule emhlabeni, kwakukubelusi bezimvu ekuzalweni kukaNkulunkulu, uEmanuweli emhlabeni; izidalwa zokuqala ezingabantu ukuba zike zizwe iNgelosi icula, kwakungabelusi abathobekile.

95 Uma sithatha abesifazane bakithi abapende ubuso, abaphungule izinwele, begqoka izikhindi, futhi bezishwiba ngohlobo oluthize lwengubo yebandla, futhi babamise futhi bacule njengento ethize, bese-ke sicabanga ukuthi uNkulunkulu uzokulalela lokho na? UneziNgelosi emuva ngaleya ezingaMbungaza selokhu i. . . ngaphambi kokuba Aze enze isidalwa esingumuntu. Ehhe. Baphume futhi baphile. . . futhi bagqoke izingubo eyisinengiso kuNkulunkulu, futhi ungakulindela kanjani ukuba lokho kube ngokukaNkulunkulu na? Wena uthi, "Awu, ngingowe . . ."

96 "Wawukuphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba na? Ngitshele lapho eNgazibophela khona. Uphi umphini wesondo eziphenduka kuwo na? Wawukuphi ngaleyonkathi na?" Nicabanga ukuthi uNkulunkulu uzosicela okunye kokuhlakanipha kwethu. Ukuhlakanipha kwethu kuphela kungubuwula kuYe. Wenza lokho Athi Uyokwenza.

97 Manje qaphelani, uNkulunkulu ulungiselela ukwenza okunye okudaliweyo. Yena edala umhlaba ofayo, ukuphila okufayo. IziNgelosi zicula eZulwini. Kodwa lapha Udala ukuPhila okusha, ukuPhila okuPhakade enzela umuntu, futhi Ucula ezikhonzini zaKhe ngeziNgelosi; emhlabeni, hhayi eZulwini. IZulu lalinokuPhila okuPhakade. Niyabo? Futhi Wacula. . . zacula emaZulwini, ngenkathi okudaliweyo okufayo kungena; futhi lapha okudaliweyo okungafiyo kuyangena, futhi manje zicula kubantu basemhlabeni. Okokuqala, kubelusi bezimvu. Kuyethusa, akunjalo na?

98 Wayeseqale okudaliweyo okusha. Kwakuyini na? Okudaliweyo kwaKhe uqobo. UNkulunkulu wenziwa inyama wakha phakathi kwethu. Lokho yi. . . IBhayibheli lathi, "Ekuqaleni kokudaliweyo kukaNkulunkulu." UNkulunkulu wadalwa ngesimo somuntu; kuJesu Kristu, iNdodana yaKhe,

uNkulunkulu wakha. Wakha itabernakele laKhe lenyama namathambo, futhi waphila kulelotabernakele; uNkulunkulu, u*Emanuweli*, "uNkulunkulu unathi." Wazakhela Yena indlu, ukuba ahlale kuyo, ukuze Abonise iZwi laKhe ezikhonzini zaKhe ngalokho. Niyazi ukuthi uNkulunkulu uyini, uma nibona uKristu.

99 Khumbulani, njalo kukhona ukucula ekuzalweni kwenkosi. Bangaki abebekwazi lokho na? Kusobala, benikwazi. Awu, manje, nicabanga ukuthi ukuba leNkosi yayingazalelwa ezansi lapho, owesifazane wayezoza egijima eyongena ehlalabhishobhi ndawondawo, bese ethi, "Yendlala umbhede ulungele masinya impela, bese uthola odokotela, ngoba ngizoletha uEmanuweli emhlabeni"? Owesifazane ompofu waseNazaretha, umuzi ophansi kunayo yonke, i. . . ophansi ukwedlula iTucson kumbe noma yimuphi wayo yonke, futhi nokho lona wesifazane omncane uza egijima enyukela kumpristi ophakeme omkhulu wayesethi, "Ngi—ngilungiselela ukuzala uEmanuweli." Babeyomphosa ejele. Impela babeyokwenza. Ngempela babeyokwenza. Okuphambene nokukholwa okuyikho okunjengalokho pho ukuba kulethwe phakathi kwabantu bakubo, wayengeke akumele. Kanjalo ubengeke namhlanje. Kodwa nje ngokufanayo kuyenzeka, ngokufanayo nje.

100 Qaphelani, kuzofanele kubekhona ukucula. Amakhosi aye. . . Wayengeke acule kubo. Abantu babengeke bacule kuYe, ngoba abaMkholwanga. Futhi yingalesosizathu. . . Nanku Ufika, nawe ungahle uWukholwe. Yingalesosizathu namhlanje ukuthi abantu banamahloni okudumisa uNkulunkulu, banamahloni ngoKristu! Amahlalabhishobhi amakhulu angeke awemukele umBhaphathizo kaMoya oNgcwele, ahlelwe kanjalo ngendlela yawo yobufundisi ukuthi abazukuWemukela. UNkulunkulu uzothola omunye Angathola ukudunyiswa ngaye. "Angamvusela uAbrahama abantwana kuwo amatshe," njengoba ngicaphuna uJohane futhi.

101 Qaphelani, izikhonzi zaKhe zifanele ziMculele. Nezikhonzi zaKhe ngaleyonkathi kwakuyiziNgelosi zaKhe, futhi zacula kubelusi baKhe bezimvu owayezothatha uMlayezo waKhe.

102 Ubani ozofanele aWuzwe kuqala na? Kusobala, izikhonzi zaKhe. Yilabo abazozwa ukucula kweNkosi kuqala, kuzoba yizikhonzi zaKhe. Futhi kwakuyini izikhonzi zaKhe na? Kuthi ukwethusa, akunjalo, bazalwane na? Kwakungesibo abafundisi baKhe basesontweni. Kwakungesibo osiyazi bezenkolo. Kunjalo. Kwakungesibo abantu behlelo. Qhabo, kwakungabelusi bezimvu. Ngani na? Kwaba khona imvu ezalwayo, yingaleso sizathu. Niyabo? Izikhonzi zaKhe zaWuzwa, uNkulunkulu ayazi ukuthi bayokholwa. UNkulunkulu wathumela uMlayezo waKhe kulabo ababezoWukholwa. Uyikho konke ukuhlakanipha; Uyazi ukuthi uthunyelwa kuphi uMlayezo waKhe, abayoWukholwa.

OPhakeme kunabo bonke waseZulwini wathunyelwa kophansi kunabo bonke babantu phezu komhlaba.

103 UJesu wathi, kuMathewu 5, "Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba uMbuso weZulu ungowabo." UMariya, e. . . Uma niyibhala phansi leyomiBhalo, lowo nguMathewu 5. Futhi uma niyibhala phansi imiBhalo . . . Yilokho engikubhale phansi lapha, yimiBhalo.

104 UMariya wathi, kuLuka 1:52, ngenkathi egcotshwe ngoMoya, uMoya oNgcwele phezu kwakhe, wathi, "Uphakamisile abantukazana." UMariya washo lokho, unina kaJesu, wathi, "Uphakamisile labo abangabafokazana."

105 ULuka futhi wathi, "Abantukazana bamuzwa ngokujabula." Hhayi aba—abakhethiweyo, o—osiyazi bezenkolo, odokotela bomthetho nabobunkulunkulu; kodwa abantukazana baMuzwa ngokujabula, abafokazana.

106 Kuyo yonke imiBhalo engcwele, uMlayezo wokuhlenga unikezwe abelusi bezimvu nangemvu.

107 Manje sengifanele ngifike ekuvaleni, ngoba sisondela esikhathini sokuvala. Ngedlula eminingi imiBhalo ukuze nje ngikwazi ukunitholela lomcabango.

108 Kuwo wonke umBhalo, ukuhlenga bekumelwa ngabelusi bezimvu nezimvu. Kunjalo. Sonke siyavumelana kulokho. Ngani na? Kwakusesithunzini nasemfanekisweni. Futhi noma yini . . . Ukuba ngangingakaze ngisibone isandla sami, futhi ngabuka phansi lapha esithunzini sesandla sami, futhi ngiyabona ukuthi ngangineminwe emihlanu, ngangiyokwazi ukwazi ukuthi kwakubonisa; isithunzi sesithombe sasibonisa esangempela. Futhi yingalokho uMlayezo njalo wafika ku . . . ukuhlenga ngemvu, ngoba kusukela khona impela ekuqaleni . . . Futhi kwakungemvu, nangabelusi bezimvu, ukuthi Wazembula Yena. Konke kwakuyizithunzi nemifanekiso.

109 Manje ake sibuke ekuqaleni. UAdamu noEva, bemi lapho ebukhoneni bukaNkulunkulu ukuzwa uMlayezo waKhe kubo, babezembese ezinkalweni zabo ngesikhumba semvu. UMlayezo wokuqala ukuze uzwiwe, wanikezwa phezu kwesikhumba semvu efile, uNkulunkulu ayibulala wayesesonga uAdamu noEva kuso. Emva kokuba sebezame ukwenza inkolo yabo uqobo yamaqabunga omkhiwane, ayisebenzanga. Umhlatshelo wemvu owawumisiwe ube ngukubuyisana kusukela khona impela ekuqaleni, umhlatshelo wemvu.

110 Manje, sizokuvala lokhu manje, futhi nginikhombise ukuthi kungani kwafanele kube abelusi bezimvu; futhi kungani kwafanele kube, Wafanele abe yimvu.

111 Manje, abaprofethi beTestamente eLidala bazembesa ngezikhumba zezimvu (siyakwazi lokho, ehhe), bebonakalisa

ukukholwa kwabo eZwini laKhe leWundlu eliphelele elizayo. Yingakho abaprofethi.

112 Manje, iZwi likaNkulunkulu alizi kusiyazi wezenkolo, akukho . . . nguye—nguye oLonayo. Kunjalo. Ayikho into enjengokuba uze uthi . . . Wena uthi, "Awu, lomfo ungusiyazi wezenkolo." Lokho nje kumbeka kumqhelise kude neZwi kunanoma yini engaziyo ngayo. Niyabo? IZwi leNkosi uNkulunkulu, uNkulunkulu ongaguquki, akaguquki neze. Nomaphi eBhayibhelini, iZwi likaNkulunkulu njalo laliza kubaprofethi. Hhayi kosiyazi bezenkolo noma odokotela, kubaprofethi! Futhi bahlala njalo, ngaso sonke isikhathi, babaliwa futhi benqatshwe.

113 Abaprofethi ngokujwayelekile babengabelusi. Abaprofethi babezembesa ngezikhumba zezimvu, ngoba babembatha isikhumba semvu babelusa. Nomlayezo wokuqala, e—e—esizukulwaneni esilahliweyo, wawuphezulu phezu kwezikhumba zezimvu. Abaprofethi, ngiyasho futhi, babembatha izikhumba zezimvu futhi bazembese ngazo, ngoba babefakaza ngalokho, ukuthi babekholwa ukuthi kwakuza iWundlu eliphelele lalowomhlatshelo. NeZwi likaNkulunkulu leza kubo phezulu phezu kwezikhumba zezimvu. Lababelusi . . . noma lababaprofethi ngokwejwayelekile babengabelusi. UAbrahama wayengumelusi. UIsaka wayengumelusi. UJakobe wayengumelusi. UMose wayengumelusi. UDavide wayengumelusi. Bonke abangabamele uNkulunkulu ngokwejwayelekile babengabelusi.

114 Manje sithola ukuthi kungani kuze kubelusi bezimvu. Babazi ukuthi imvu ayinasizo ngaphandle komelusi wezimvu ukuzihola. Ba . . . imvu ayinasizo ngempela, ngeke yazihambela ngokwayo. Yingalesosizathu uNkulunkulu afanisa abantwana baKhe abakholwayo nezimvu. Bafanele baholwe. Kodwa bhekisisani ukuthi yini eniholayo! Ningatholi imbuzi, iyoniyisa esibayaneni sokuhlabela. UNkulunkulu akasiniki neze imbuzi, Wasinika iNdodana yaKhe (uMoya oNgcwele) ukusihola. Ungumholi wethu, hhayi abelusi abenziwe ngumuntu, kodwa umelusi onikezwe nguNkulunkulu ondla izimvu ngokudla kwezimvu.

115 Manje, thatha ingulube, futhi uthi kulengulube, "Ngizokwenza iwundlu." Futhi uyigeze. Bese uyipenda izinzipho zayo, ka—kanjalonjalo. Bese uyinika ukudla njengemvu, uyinike olunye uhlobo lo—lokudla, okukhethiweyo. Bese uyibeka phandle phansi noma phandle e . . . lapho i—imvu zeluswa khona, ensimini yefolishi ialfalfa noma okunye. Futhi uma kukhona umgodi wodaka nomaphi, leyongulube iyohamba nje iqonde ngqo kulowomgodi wodaka ihambe ngamakhulu amandla. Niyabo? Ngani na? Yingoba imvelo yayo iseyilokhu iyingulube.

116 Futhi yingalesosizathu ukuthi amalunga ebandla, namhlanje, bazitika ngezinto zezwe, niyabo, yingoba imvelo yabo ayikaguqulwa. Ayodla noma yiluphi uhlelo lobufundisi, ingxavungxavu yesayense yezenkolo, kodwa iZwi likaNkulunkulu bangeke baLimele. Bayongena futhi balalele iZwi . . .

117 Niyazi, umzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, yigwababa elidala. EBhayibhelini, kwaba khona okubili okwavulelwa emkhunjini. Igwababa elidala laphuma futhi alizange libuye, ngoba liyinqe, umthuthambi. Lahlala phezu kwemizimba yezidumbu ezifile futhi lagcwalisa isisu salyo ngesidumbu esifile. Kodwa ngenkathi ekhipha ijuba, ijuba alikwazanga ukumela lelophunga elibi, ngakho labuyela endlini kaBaba nakuNowa, futhi lashaya emnyango uNowa waze walingenisa.

118 Manje, igwababa lingahlala phandle lapha futhi lidle ehhashini elifile, usuku lonke, futhi liphume lindizele lapho ensimini futhi lidle okusanhlamvu kanye nejuba. Kodwa ijuba ngeke landizela lapho futhi lidle ehhashini elifile, bese-ke lidla okusanhlamvu; bekungalibulala. Niyabo, ijuba alinanyongo, futhi lingeke lakugaya.

119 Futhi uma noma yiliphi ijuba likaNkulunkulu, noma yiliphi ijuba elidla iZwi noma imvu, isilwane esihlanzekile, uma uhamba uyozinika izinto zezwe, ziyazi iNkosi yazo yathi, “Othanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye.” Umnika into ephambene naleloZwi likaNkulunkulu, angekumele. Kodwa uDeveli angaLithatha lelo nezwe futhi, futhi akubize konke ngokuthi okukaNkulunkulu. Ungeke waxubanisa amafutha namanzi, ngeke nje kuxubane.

120 Bona, bonke lababelusi bezimvu, babazi ukuthi imvu yayingenasizo ngaphandle komelusi wezimvu. Futhi babengabelusi, futhi wazi ukuthi ufanele aholwe.

121 Kudabukisa kanjani ukubona, namhlanje, ukuthi bazama ukupha izimvu, ingxavungxavu. Kodwa imvu ingeke ikudle. Qhabo, mnumzane! Niyabo, babezama ukupha izimvu, emuva lapho, ingxavungxavu. Futhi uma iZwi lifika, base beyejwayele kakhulu ingxavungxavu, babengalazi iZwi. Futhi kuyilokho namhlanje, ngenkathi into efanayo iqinisekiswa futhi ifakaziswa ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza into ethize. Manje-ke sebeyejwayele kakhulu ingxavungxavu, futhi baphiwa ingxavungxavu, uze u . . . awu, akukho ukukhuluma kubo, ngeke nje baLilalele, yilokho kuphela. Inja . . . iBhayibheli lathi, “Njengenja ibuyela ebuhlanzweni bayo, nengulube ekuzibhixeni kwayo, benzenjalo nabo.”

122 Bezwa iZwi, futhi babuyele ngqo ekuzibhixeni okudala okufanayo! Futhi bathi, “A, Lingubuhlanya. Ningayikholwa into enjengaleyo.”

123 UNkulunkulu . . . imvu yenza okufanayo namhlanje, zifanele zethembele ekudleni okukhethiwe kweZwi. Ngeke zikuthathe okunye ukudla okukhethiweyo. Ungeke wazinika ukudla okukhethiweyo kwabefundisi, imvu yangempela. Qhabo! Qhabo! Uyahamba uzitshele, "Manje bukani, sonke sizoba ndawonye. Manje, uJesu wakhuleka ukuthi size sonke sibe 'munye.'" Nisanda kuzwa into efanayo eTucson esikhathini esingeside esedlule, izinsuku ezimbalwa ezedlule, kodwa amanga! UJesu akazange akhuleke . . . Wakwenza kanjani . . . Ungalenza kanjani iZwi ukuba Lizigxeke lona na? Lizigwaze ngowaLo, khona-ke uNkulunkulu akehlukile kunoma yimuphi omunye umuntu.

124 UJesu wathi, "Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na?" Uzoyithatha kanjani iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, neKatolika, futhi ukuphose konke ndawonye futhi kube kunye na? Ningahle nibe munye phansi kwenhloko yomuntu, kodwa uJesu wathi, "Ukuze babemunye ngisho njengoba—njengoba *Mina* na*We* simunye." Manje, Usifuna sonke sibe munye kuYe okuyiZwi! Amen! Nakho, "Munye noBaba." NoBaba yiNdodana, uyafana. Futhi yiZwi elifanayo, iZwi elibonakalisiwe, Liziveza obala ngalolusuku njengoba Lenza kunoma yiluphi olunye usuku, ukuze nibe munye.

125 Qaphelani, Wathi, "Njengalokhu uBaba eNgithumile, naMi ngiyanithuma." UBaba oMthumile, wahamba wangena kuYe ukuqinisa iZwi. NoJesu ofanayo othuma abantu baKhe, uhamba angene kubantu Abathumayo; futhi ethi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Impela, Wakhulekela ukuba sibe munye; simunye naYe, hhayi ukuthi simunye nenhlangano. Hhayi ukuthi simunye nenqubo, kodwa simunye noNkulunkulu. Ngokuba uNkulunkulu neZwi laKhe bamunye, noJesu noNkulunkulu wayemunye, nani nami neZwi sifanele sibe munye. Kunjalo. Sifanele sibe munye ngokuvumelana neZwi. Hhayi lokho okushiwo ngomunye umuntu, lesi akusiso isichasiso sangasese. Lithatheni, lokho Elikushoyo, futhi niLikholwe; noNkulunkulu uzoLiqinisekisa, futhi afakazise ukuthi Liqinisile. Nicabanga ukuthi Lingelabafundi nje kuphela, thathani iZwi laKhe ngakho, hambani nikuzame kanye futhi nibone. Nizothola ukuthi lizonisebenzela ngokufanayo nje njengoba Ethembisa. Yebo, mnumzane!

126 Bangeke badle engxavungxavwini, bazofanele babe nokudla okukhethiweyo kwezimvu. UJohane oNgcwele 10 umemezela ukuthi, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Futhi uma EyiZwi, manje-ke nhloboni yePhimbo Anayo na? "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, abafokazi azisoze zabalandela." Niyabo? UJesu wathi, "Iphimbo elingaziwayo ngeke zililandele." Ngakho, imvu yaKhe ayililandeli iphimbo lomfokazi. Ngeke zibalandele.

127 Abaprofethi, abelusi bezimvu, nezimvu, bonke befakaza ngokuza.

128 Manje niyambona uNkulunkulu ongaguquki emacebweni aKhe angaguquki eZwi laKhe ngalolusuku. Manje cabangani imizuzu embalwa nje: iZwi elingaguquki.

129 Manje bukani! Ukuba—ukuba uMose wayefike noMlayezo kaNowa, wawungeke usebenze. Ukuba uJohane umBhaphathizi wayefike nomlayezo kaMose wawungeke usebenze. Ukuba uJesu wayefike nomlayezo kaMose noma kaNowa, wawungeke usebenze. NoWesley afike nomlayezo kaLuther, wawungeke usebenze. Ukuba iPhentekoste yayifike nomlayezo kaWesley, wawungeke usebenze; sisanda kukuzwa lokho kufakaza. Manje, uNkulunkulu uyilokhu ehamba nje. Nje bhekisisani iZwi, niyabona ukuthi sikuphi.

130 Pho kungani isimemezelo sokuqala sabelusi bezimvu singafanelanga si. . . Ukuba bonke lababaprofethi, onke lawa indoda amakhulu ayengabelusi bezimvu, pho kungani kufanele uNkulunkulu (Ongaguqukiyo) aguqule indlela yaKhe yokwenza khona lapha, futhi aLilethe kosiyazi bezenkolo na? Kwakungabelusi bezimvu. Ukufika kweWundlu eliphelele, umnikelo wesono, ufanele uze kumelusi wezimvu.

131 Umelusi wezimvu uyazazi izimvu zakhe kangcono kunoma ubani omunye futhi. Akekho owazi imvu njengomelusi wezimvu, ukuqeqeshelwe. Futhi wayazi ukuthi nhloboni yokudla ababeyoyidla. Ba . . . wayazi ukuthi imvu iyodlani, futhi uyazazi izimvu zakhe ngalokho ezikudlayo. I . . . wawungayibona imvu iphuma esibayaneni sengxavungxavu bese iqala ukudla ingxavungxavu, ubungathi, “Ususeni lowomthuthambi.” Niyabo? Ngakho uNkulunkulu wayazi ukuthi abathumelephi.

132 Manje ake sibize omunye wabaprofethi-belusi bezimvu abakhulu, ukuqinisa ukuthi uNkulunkulu wayekulababaprofethi phansi kwesikhumba semvu. Bhekisisani manje. Sizobiza, kuqala, uMose. Ake simbuke. Inkonzo yakhe izosikhombisa uJehova kumprofethi-melusi wezimvu waKhe. Manje, sizothatha nje mhlawumbe oyedwa, uma sinesikhathi, cishe imizuzu eyishumi elandelayo. Sizothatha ababili babo, kodwa mhlawumbe oyedwa uzolunga.

133 UMose; uJehova uziveza Yena obalalapha, kulomprofethi-melusi wezimvu. Wanikwa iziphiwo ezintathu ukuqinisekisa inkonzo yakhe futhi ebiza amalunga akwaIsrayeli, nakuFaro. Qaphelani lomprofethi-melusi wezimvu, manje. Unikeza, njalo, abaprofethi baKhe, isibonakaliso esingesiso esemvelo, ukuqinisekisa ukuthi kwakunguNkulunkulu kubo; ngokuba bungebekhona ubukhona bukaNkulunkulu ngaphandle kwezinto ezingaphezu kwemvelo zenzeka. Wayengakaze uJehova aze abonakale ngaphandle kokungaphezu kwemvelo kuMlandela. Kufanele kube njalo. Ngakho

njalo Wayehlala eziqinisekisa Yena uqobo ukuthi Wayenalababaprofethi, ngokuqinisa lokho ababeprofetha ngakho, uma kwakuhambisana neZwi laKhe.

134 Manje, isibonakaliso sokuqala—sokuqala Wasinika u. . . lomprofethi-melusi wezimvu (bukani), waphendula induku yakhe yaba yinyoka.

135 Esesibili, isandla sakhe saba wuchoko.

136 Esesithathu, ukukhipha amanzi eMfuleni iNile eGibhithe, futhi wawuphendula waba yigazi.

137 Manje, Wamnika izibonakaliso ezintathu ukuqinisekisa kwiGibhithe, nakuIsrayeli futhi, ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe.

138 Manje, khumbulani, uMose wabizelwa ekutheni kudaleke! Kunjalo. Wacaphuna isihlabathi wayesesiphosa emoyeni, wayesethi, "Makufike amazeze," namazeze afika. Wathi, "Makufike izibawu," nezibawu ziyafika. "Makufike amaxoxo," namaxoxo ayafika. Wakuletha kwadaleka! Manje, umuntu angeke adala, kodwa kwakungesuye umuntu okokuqala nje. KwakunguJehova kumelusi wezimvu-mprofethi waKhe! Amen!

139 Bhekisisani! Isibonakaliso sesithathu Amnika sona sasingaphathelene nesikhundla sakhe, kanjalo sasingaphathelene nesiqu sakhe; isibonakaliso sakhe sesithathu. Qaphelani, izibonakaliso ezimbili zokuqala ziphathelene naye, yena uqobo nesikhundla sakhe. Futhi zaziyizibonakaliso ezimbili kuphela iBhayibheli elithi "zazinephimbo." Esinye isibonakaliso sasingenaphimbo. Kodwa izibonakaliso ezimbili ezanikwa yena siqu sakhe, nakubantu bakhe, zazinamaphimbo. Kodwa isibonakaliso sesithathu, manje qaphelani, sanikwa . . . isibonakaliso, isibonakaliso sesithathu, sasiyisibonakaliso sokufa: amanzi ephenduka igazi. Uma elakho—uma elakho—uma igazi lakho belingaphenduka amanzi, khona-ke ubungafa. Futhi lapho okukhona khona igazi, igazi elichithekileyo, yisibonakaliso sokufa; ngakho kwakukuFaro. Esesithathu sasingesokuphendula iNile ibe yigazi, kwakungukukhombisa—ukukhombisa uMlayezo wakhe kuFaro ukuthi uNkulunkulu wethu wayenguNkulunkulu ngaphezu kweNile, ngaphezu kukankulunkulu weNile. UnguNkulunkulu ngaphezu kwezinto zonke, futhi Uzoletha ukufa kulesosizwe. Futhi sasiyilokho isibonakaliso segazi. O, he! Isibonakaliso esiqondile sokufa: igazi!

140 Kodwa ezinye ezimbili zazinamaphimbo esiprofetho. (Nge—nge—ngethemba ukuthi niyafunda manje, ivaliwe, engikushoyo.) Kodwa ezinye izibonakaliso ezimbili zazinamaphimbo esiprofetho kuIsrayeli mayelana nekusasa labo. (Manje kinina owawuphezulu entabeni esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi idwala liphoswa phezulu, niyabo? Niyabo?)

141 Manje, futhi ukuya...wayezoguqula imvelo, ukuyenza ibasebenzele. Bhekisisani insika, bhekisisani inyoka, bhekisisani uLwandle oluBomvu, nanoma yini Ayenza, manje. Bukani leyoncijo yomelusi wezimvu ebenzela indlela yokuhamba. Leyonduku eyayisesandleni somelusi wezimvu, wedlula konke nokunci kwesayense yezenkolo nazo zonke izinto abapristi ababezishilo, naleyontonga yabaholela ngqo ezansi bedlula kuyo yonke into eyayingenakwenzeka (kumuntu). Ngenkathi uFaro ezama ukucabanga ukuthi "izimpophoma zaqubuka ezintabeni zase ziphosa amanzi, zase ziwenza aphenduke igazi," wase-ke uNkulunkulu enisa umlilo uvela ezulwini. Wayesenisa isichotho sivela ezulwini, futhi Wa—futhi Wanisa izintwala phezu komhlaba, nakho konke.

142 Wenzani na? Ngaleyonduku yomelusi wezimvu, hhayi i—ibhuku eliphethe indaba yesifundo. Hhayi umbono kasiyazi wezenkolo, kodwa udondolo lomelusi wezimvu! Siyeza kukho emzuzwini; udondolo lomelusi wezimvu, Wakwenza. Hhayi i—ibhuku lomkhuleko lehlelo, kodwa induku yomelusi wezimvu. Intonga yomelusi wezimvu ehola izimvu zakhe, enza indlela icace lapho beya ngaseZwini lesithembiso ezweni. Into enhle kanje pho enamhlanje yodondolo lomelusi wezimvu, namhlanje, ehola izimvu zaKhe ziya eZweni lesiThembiso; edlula yonke isayense yezenkolo nayo yonke enye into yalelizwe, nezinto zezwe, namahlelo, yonke into; evula indlela, futhi efakazisa iZwi laKhe ukuthi liyiQiniso; udondolo lomelusi wezimvu eqhubeka.

143 Futhi qaphelani, lolodondolo olufanayo lomelusi wezimvu owayehola izimvu...Niyakukholwa lokho na? Ngempela wazihola izimvu, wazophula kwiGibhithe ngalolodondolo esandleni sakhe. Besingasho okuningi kakhulu ngayo. Kodwa ukushaya okugqamile, wahola izimvu wayesethumela ukwehlulela phezu kokwenqatshwa kwaLo! Udondolo olufanayo oluba yisibusiso komunye, luba yisiqalekiso kwabanye. Amanzi afanayo (okushumayela kukaNowa) amsindisayo, alahla izwe. Udondolo olufanayo olwaholela uIsrayeli ezweni lesithembiso, lwalahla labo abala ukulandela umelusi wezimvu-mprofethi. Kunjalo, luba yinduku yokwahlulela.

Imvelo; qaphelani ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kanjani emvelweni yaKhe. Ukuba nje besinesikhathi. Ngibhale inothi lapho: uNkulunkulu ekhuluma emvelweni yaKhe. Asinaso isikhathi ukukufakazisa.

144 Kodwa efakazisa kamuva, ngenyoka yethusi encijweni yezimvu yomelusi wezimvu (ukuthi wasonga lenyoka wayizongolozela, ehlane), lokhu kukhuluma ngokubuyisana kweqiniso kuzela ukugula nesono.

145 Lolodondolo uqobo lwalo lwaluphenduke lwaba yinyoka phambi kukaFaro, noFaro ofanayo wazama ukulingisa

ngezanusi. Futhi benzenjalo noFaro besimodeni banamhlanje, nabazenzisi, abalingisi benyama boMlayezo, bazama ukulingisa into efanayo ngaphandle kokwazi ukuthi ivelaphi; bese beWuphosa entweni ethize yamahlelo, kanti Ukhululekile kulo njengoba umoya unjalo ekuvalelweni. Impela! Kodwa bazama ukulingisa, benza ukulingisa.

146 Kodwa, qaphelani, loludondolo olufanayo lomelusi wezimvu ludla ezinye izinyoka. Zazikuphi lezozinyoka na? Zaziyizintonga phansi, futhi yaba yinye kuphela intonga eyacoshwayo. "Kokubili amazulu nomhlaba kodlula," kwasho uJesu, "kodwa iZwi laMi alisoze." Kukhuluma ngokubuyisana kweqiniso kuzela isono.

147 Futhi, ikusasa likaIsrayeli lanikeza...futhi yilapho engakhuluma khona ngoIsrayeli, manje enkathini ezayo... Lapho banikwa ukukhululwa ebugqilini bokufa ngumelusi wezimvu-mprofethi. Bakhishwa ebugqilini ngumelusi wezimvu-mprofethi enodondolo. Niyabo? Kwakukhuluma ngoMkhululi wenkathi ezayo kaIsrayeli, ekufeni nasesihogweni, ngomprofethi-Melusi wezimvu esizokhuluma ngaye.

148 Manje, kukho konke lokho...konke njengoba simazi uIsrayeli, akalemukelanga iZwi lomelusi wezimvu-mprofethi, wonke uIsrayeli akaLemukelanga. Manje, qaphelani, babekhononda. "O," ngenkathi enza izimangaliso, "wayengumfo omkhulu," kodwa ngenkathi sekufika eMlayezweni wakhe, "lokho kwakwehlukile." Zonke izibonakaliso ezinkulu silandela umlayezo omusha ozayo. Siyakwazi lokho. Ehlane bakhononda, ehlane, futhi bafa ngezinkulungwane. Ngokusobala, babengekho ngaphandle kwababili kuphela abake baze bedlula abasindiswa ezigidini ezimbili nohhafu, ababili ezigidini ezimbili nohhafu.

149 Wena uthi, "Lokho...Kwenzekani kubo na?" Sebahamba Phakade.

150 "Bonke, Mfowethu Branham na?" UJesu washo njalo.

151 Bathi, "Obaba bethu badla iMana ehlane, futhi baphuza eDwaleni."

152 Futhi U...uJesu wathi, "Futhi bona, bonke, bafile," bahlukaniswe Phakade, niyabo, bonke.

153 Qaphelani bakhononda ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, kwakuyisizathu bafa. (Manje, ngokusondela, ningazigeji leziziphawulo ezimbalwa zokugcina.) Bakhononda! Okwabenza bafele ehlane, bakhononda ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu: ngoMlayezo womuntu oyedwa, umprofethi, ubuholi bomuntu oyedwa. Ngitsheleni ukuthi kunini lapho uNkulunkulu ake asebenzisa khona iqembu ukuba lihole. Ungeke ukuthole eBhayibhelini. Umuntu oyedwa, ba...IZwi leza kuMose!

154 UKora; siyazi sonke ukuthi wa—waziqoqa wayesekhononda ngoNkulunkulu ngokungabinabulungiswa, ukuba enze into enjengaleyo, ukwenza umuntu oyedwa noMlayezo. Wathi, "Sonke singcwele. Kungani singabi nehlelo na? Futhi kungani singabi ne. . . simise *lokhu*, futhi senze *lokhu*, futhi senze *lokho* na?"

155 UNkulunkulu watshela uMose, "Zehlukanise naye, seNgenele yikho." Futhi khumbulani, uJuda ukhuluma into efanayo, ngezinsuku zokugcina. Kunjalo, "Babhubha ekuphikeni kukaKora." Siyazi futhi ukuthi kwenzekani kuKora na—nabanye ababuza iZwi likaNkulunkulu nokuhlakanipha kukaNkulunkulu kwalobobuholi bomuntu oyedwa: bonke babhubha.

156 Manje, sizoqaphela uNkulunkulu kumprofethi-melusi wezimvu, ekhombisa amacebo aKhe enkathi ezayo ephimbweni lesibonakaliso esilandelayo. Manje, bhekisisani. Siyakubona *lapho*, manje asikubhekisise esibonakalisweni esilandelayo.

157 Manje, qaphelani, wathunyelwa kubazalwane bakhe abasebugqilini, phansi kobugqili, noMlayezo wokukhululwa, nesibonakaliso esinikezwe nguNkulunkulu ukufakazisa izisho zaKhe. UIsrayeli walandela uMlayezo wakhe, baWukholwa, bonke, kodwa ngesikhathi sokuhlwa. . . Balandela izimangaliso zakhe, kodwa ngesikhathi sokuhlwa ngenkathi be. . . wanikeza uMlayezo wakhe, "Wawehlukile." Wonke lowo ongawukholwanga lowoMlayezo, bafa. Kunjalo. Wawuyini uMlayezo na? UMlayezo wawungowokwehlulelwa okuzayo. Kusihlwa, ngesikhathi sokuhlwa, uNkulunkulu waphumela ekamu likaIsrayeli ukuthola ukuthi abantu babewukholiwe yini uMlayezo womprofethi-melusi wezimvu waKhe; futhi bonke babengaWukholwanga, babhubha.

158 Manje qaphelani, sizokuletha phezu koMelusi wezimvu oMkhulu emizuzwaneni embalwa. Niyabo? Qaphelani inkonzo yomprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu. Wezimangaliso zaKhe, onke amabandla avula futhi ayeMemukela. Babefuna abagulayo babo baphiliswe. Babefuna ukwenza izinto ezinkulu. Ukuthandwa kwaKhe ngabantu kwakukukhulu. Kodwa lapho sekufike isikhathi sokuhlwa, ngelinye ilanga emva kokuba Eseguqule amanzi aba yiwayini, futhi wapha izinkulungwane, izinkwa, futhi wayenze izimangaliso, Uqala ukuhlala phansi futhi akhulume kubo. Futhi Wathi kubo, "Mina noBaba simunye. Usholoni ukuthi, 'Sikhombise uYihlo'?"

159 "O, mfowethu! Lomuntu uzenza olingana noNkulunkulu?" Lokho kwakukukhulu kakhulu ekucabangeni kwabo kobufundisi. Kodwa kwakuyiQiniso, Wayenguye! Niyabo? Kodwa ngenkathi benza, abaningi abamlandelanga.

160 Wayesephenduka wayesethi, "Uma ningadli iNyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini."

161 Manje, nicabanga ukuthi okhaliphile, umuntu ohlakaniphile wayeyocabangani na? Sengiyabona abapristi ababenaYe esethempelini wayenamahloni kakhulu—kakhulu nga—ngabo benaYe lapho. "Ukucabanga ukuthi umuntu wayengasukuma futhi asho into enjalo, 'Uma nina bantu ningadli iNyama yaMi, futhi niphuze iGazi laMi.'" Bathi, "Lendlabantu yabantu, niyabo, 'Nidle iNyama yaMi futhi niphuze . . .' Ngani, uyizimuzimu. Ninabantu enicabanga kahle nizo . . . nizodeda ohlanyeni olunjengalolo."

162 Akazange aKuchaze, WaKusho nje! Wakwenza ukubakhubekisa, ukwehlukanisa izimvu zaKhe ezimbuzini. Wakwenza ukuba abaphose le. Kwase kuthi-ke akukhomuntu owayefuna ukubambisana naYe. Babengenababambiswano ukusukela lapho kuqhubeke. Niyabo?

163 Qaphelani, ngesikhathi sokuhlwa, uNkulunkulu waphuma emakamu futhi wabona ukuthi ubani owayekholiwe. Futhi Wenza into efanayo ngezinsuku zoMelusi wezimvu oMkhulu. Qaphelani inkonzo yomprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu, kodwa qaphelani lokhu, kumakholwa oMlayezo waKhe, kodwa hhayi . . . LoMlayezo wakusihlwa, babengenakuWukholwa. Babengenakukukholwa ukuthi WayenguNkulunkulu. Babefuna ukuMenza umuntu onomoya omuhle. Babefuna ukuMenza umprofethi. Wayengumuntu onomoya omuhle, futhi WayengumProfethi, kodwa Wayengaphezu kwalokho. Lokho ngukufundisa okujwayelekile namhlanje, ukuthi "Ungumuntu olungileyo nje, WayengumProfethi." Wayengasilele ngalutho kuEmanuweli! WayenguNkulunkulu ebonakaliswe kuJesu Kristu iNdodana yaKhe, enza Yena noYise babemunye. Yilokho kuphela Ayengaba yikho.

164 UZakariya 14:7, ngingasho lokhu, ukhuluma ngeziNkanyiso zokuhlwa noMlayezo futhi ngesikhathi sokuphela. Nikuqaphelile lokho na? Njengabaningi abalandela uMose, bayibona iNsika yoMlilo eyamkhombayo eNtabeni yaseSinayi. Wayefakaze ngayo, futhi wakhuluma ngaleNsika yoMlilo isesihlahleni futhi yayimtshele loMlayezo, abaningi babo abaWukholwanga. Kodwa njengabaningi abamlandelayo ephuma eGibhithe (bakhuphuka baphuma ezweni futhi bawela ulwandle lokwehlukanisa, futhi wayongena ehlane), babona iNsika yoMlilo (akhuluma ngayo) eqinisekisa lowomprofethi-melusi wezimvu ukuthi ungumelusi wezimvu. BaWubona, nabaningi babo babesalokhu bengaWukholwa emva kokuba sebeWubonile.

165 Qaphelani ukuthi kanjani, futhi, uNkulunkulu ongaguqukineze, umprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu, wathatha labo

abahlala ngakuYe nanenkonzo yaKhe eNtabeni yemiNqumo; umprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu, Lo esikhuluma ngaye, uJesu. Wabona futhi wezwa uBaba (iNsika yoMlilo efanayo) iMqinisekisa, eyaqinisekisa uMose.

166 UNkulunkulu ofanayo uMose akhuluma ngaye, uza kuMose futhi wafakazisa ngeNsika yoMlilo ukuthi WayenguJehova owayehola uMose. UNkulunkulu wayekumprofethi-melusi wezimvu waKhe.

167 Lapha Uthatha omunye umprofethi-melusi wezimvu, umProfethi oMkhulu, iMvu yangeMpela, uJesu, futhi uthatha ukuqoka indoda amathathu, futhi uwenyusela esiqongweni seNtaba yemiNqumo, futhi lapho waqinisekisa uJesu. Futhi wazehlukanisa qobo lwaKhe nabo bonke abanye abantu, wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni!" Futhi ngenkathi bebheka phezulu, ababonanga-muntu uJesu kuphela. Kunjalo. WayenguYe. Manje, lokho kuyakuxazulula, ngokwazi kwami. Niyabo?

168 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . IShekina [Akuqoshwanga eteyipini.] ubuso. UMose wayesebukhoneni beShekina eNtabeni yaseSinayi. Yaguqula ubuso bakhe. Ngenkathi ehla, wadingeka a—ukubeka iveli phezu kobuso bakhe, uMose umprofethi-melusi wezimvu; uJehova ayekuye, enxenyeni, inxenye nje, ubuso bakhe. WayeneZwi emlonyeni wakhe.

169 Kodwa qaphelani ngenkathi uMelusi wezimvu oMkhulu wayesebukhoneni beShekina. Yenzani na? Yakuguqula konke ukubonakala kwaKhe. Wayengesiyo nje inxenye kaNkulunkulu, WayengokaNkulunkulu wonke! WayenguEmanuweli.

Kungani kwadingeka kube abelusi bezimvu na?

170 Bukani! Niyabo, manje, uNkulunkulu uSomandla uyagada . . . ezifanekisa Yena uqobo, ngiqonde ukusho njalo, kuMose umprofethi-melusi wezimvu. Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu Wazazisa kanjani. (Lokhu ngukuphawula kwami kokugcina.) SiMbona emi egcotshiwe ebukhoneni beNsika yoMlilo! Akukho-muntu entabeni nhlobo kodwa uMose noJehova. Amen! *Amen* kusho ukuthi "makube njalo."

171 Bhekisisani! "Faka isandla sakho esifubeni sakho!" Kodwa, bhekisisani lesisibonakaliso sesibili manje sinephimbo. "Faka isandla sakho esifubeni." Asinasizathu sokukholwa ukuthi uMose wayeyinxele, ngakho kufanele ukuthi wafaka isandla sakhe sokudla esifubeni sakhe, ngoba iningi lomuntu bayisidla. Wabeka isandla sakhe . . . Manje bhekisisani! Isithombe esinje esisibonayo lapha, sikaJehova ekuMose umprofethi-melusi wezimvu! UMose emele uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayekuMose. Mbhekisiseni ebeka esakhe . . . "Faka isandla esifubeni sakho." Isibonakaliso esinje pho!

172 Manje, umi lapho, ebeke isandla sakhe phezu kwenhliziyo yakhe (emi *kanje*) lapho izimfihlo ezifihliwe zokuhlenga zazikade zifihlwe khona selokhu kwasekelwa izwe. Nakhu ukuthi kungani kube abelusi bezimvu. UJesu wayeyisandla sokudla sikaNkulunkulu, sonke siyakwazi. Nango uMose eMfanekisa impela. Wabamba izimfihlo zikaBaba, futhi uzikhombise thina. Qaphelani, mbhekisiseni ehosha esifubeni sakhe isandla sakhe sokudla sishaywe ngochoko olubulalayo. Wakhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezokwenzani ngeSandla saKhe soKudla. Qaphelani, uchoko alunaselapho. Qaphelani, futhi, kwakungesilo nje uchoko olwejwayelekile, lwase lusezingeni lwalo lokugcina, lumhlophe njengeqhwa; isandla sakhe sashaywa ngento embi kabi. Ingabe uMose wazizwa enjani ngenkathi ehosha isandla sakhe sokudla phezu kwenhliziyo yakhe, esikhipha esifubeni sakhe, nesandla sakhe sashaywa wuchoko! Uchoko lufanekisa isono, alwelapheki, futhi ikakhulukazi ezingeni lwalo lokugcina.

173 Futhi, bazalwane, lalilapho-ke izwe ngesikhathi uNkulunkulu ehosha iSandla saKhe soKudla esifubeni saKhe! Izwe lashaywa wuchoko olubulalayo, futhi kungekho-selapho salo nhlobo. Kunjalo nakulobubusuku, ngoba bangeke balemukele ikhambi. Ikhambi lenziwa eKalvari, kodwa abantu ufuna ukuthatha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esenziwe ngumuntu esikhundleni sesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu sesono.

174 Qaphelani asizange size kancane kancane, njengoba imbangela yochoko yenza, kodwa khona manjalo! Ngenkathi ehosha isandla sakhe, sashaywa, sasigcwele uchoko. Qaphelani ukuthi uNkulunkulu wathini, "Manje, engeke kancane kancane ushushumbe ungene esonweni; kodwa mhla udla kuwo, kumhla ufa." Futhi kunjalo, "Mhla udla kuwo."

175 Qaphelani, kwakungumelusi wezimvu-mprofethi owazishaya yena. Wathatha, ngomyalo kaNkulunkulu, futhi wafaka isandla sakhe uqobo esifubeni sakhe, wayesesihosha sishaywe ngochoko. Umelusi wezimvu-mprofethi wakwenza yena uqobo. Nomelusi wezimvu-mProfethi oMkhulu, uJesu, wakwenza Yena uqobo, "Ngibeka ukuphila kwaMi phansi, akekho umuntu ongakuthatha kiMi." WayenguMelusi wezimvu oMkhulu, umelusi wezimvu-mProfethi oMkhulu, "Akukho-muntu okuthatha kiMi, Ngikwenza ngesingaMi." Qaphelani asifikanga kancane kancane, sifika ngomzuzu. UMelusi wezimvu oMkhulu, uqobo lwaKhe, wathatha icala lethu wayesezishaya Yena uqobo, wathatha izono zethu wayesesibeka phezu kwaKhe uqobo—qobo. Akumangalisi imbongi yabhala:

> Amadwala aqhekezeka phakathi nezibhakabhaka eziba mnyama,
> UMsindisi wami wagebisa ikhanda laKhe wafa;

Iveli elivulekile lembula indlela
Eya ezinjabulweni zaseZulwini nosuku olungapheliyo.

176 Leyomfihlo yayikade isesifubeni sikaNkulunkulu yonke leminyaka, imbozwe yisandla saKhe sokudla, uJesu. UMelusi wezimvu oMkhulu Wazethwesa icala lethu enzela thina. UIsaya 53:6, wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo. Nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Imfihlo yokuphilisa kukaNkulunkulu yayilele esifubeni sikaJesu Kristu, noma uNkulunkulu, Wayengakwesokudla sikaNkulunkulu, yileyomvu kuphela eyabambelela esifubeni saKhe imfihlo. Yingalesosizathu izibikezelo zaWo zazifanele njalo zibe yimvu! Eyokuqala yayiyimvu, eyokugcina yayiyiMvu. Yingalesosizathu Wafanele uze kumelusi wezimvu, ukwazi ukuthi zinakekelwa kanjani iZimvu zakhe. NiyaWuthola na? Qaphelani, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo."

177 Qaphelani, wafika masinya; futhi wasuka masinya, kwathi nje isandla sokudla singadonswa esifubeni okwesibili. Isifo esibulalayo sasesingasekho, ngenkathi esidonsa okwesibili. Futhi ngenkathi uMelusi wezimvu oMkhulu, umprofethi-weZimvu, ngenkathi Ethi. . .Esiphambanweni saseKalvari, ngenkathi Esekhokhe inhlawulo yesono yethu sonke, Wathi, "Kufeziwe." Isono sase siphelile, inhlawulo yase ikhokhiwe, izikweletu zase zixazululiwe! Akuthathanga unyaka, noma ekugcineni kufike ezinsukwini zomunye umguquli noma into ethize, kwafezwa ngayo leyonkathi!

178 Isono safika ngomzuzwana, ngokuphambuka eMthethweni kaNkulunkulu, ngokwephula iZwi elilodwa. Kulobubusuku, bazalwanebami, umphefumulo wenu uphezu kwesihogo ngeketango. Naleloketango alisikho ukufundisa kwekholiji lesayense yezenkolo ethize, leloketango alisilo ihlelo elithize noma isivumokholo esithize eniphila ngaso, leloketango yiZwi likaNkulunkulu! UJesu wanika isintu iZwi laKhe ukuba siphile ngalo, noEva wephula kuphela ihhuku elincane elilodwa laLo. Ne. . .noma yiliphi iketango aliqinile ukwedlula ihhuku lalo elibuthakathaka kunalo lonke. Uma ukhipha iZwi elilodwa. . . Leyo kwakungeyokuqala yeNcwadi.

UJesu wafika phakathi neNcwadi, wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Lelo kwakuyimaphakathi leNcwadi.

Okokugcina kweNcwadi, Wathi, "Oyosusa iZwi elilodwa (ahumushe ngokungesikho iZwi elilodwa), akhiphe iZwi elilodwa Lapha, Ngiyosusa isabelo sakhe eNcwadini yokuPhila."

Wedlula phezu kwesihogo, ulenga eZwini likaNkulunkulu. Ungavumeli-muntu ampintshele into ethize kuwe engesuye U ISHO KANJE INKOSI!

179 O, ngiyabona . . . Awu, bathi, "Impela, konke esikwenzile. Konke esikwenzile!" Yilokho mhlawumbe abapristi abakhulu nabo abakucabanga ngezinsuku zoMelusi wezimvu oMkhulu. Yilokho uEva akucabanga. Yilokho uSathane amtshela khona, "Impela uNkulunkulu akazukukwenza." Kodwa Wakwenza, ngoba Wathi Wayezokwenza. Futhi yingalesosizathu Ezokwenza futhi namhlanje.

180 Akumangalisi, njengoba Athi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili, ngamanzi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo, bambalwa impela, "Ngokuba isango lincane, nendlela iyingcingo eyisa ekuPhileni, futhi bayoba yingcosana abayoYifumana." Kunjalo. "Isizathu indlela inkulu eyisa ekubhujisweni, baningi abayohamba ngayo."

181 Ngenkathi uMelusi wezimvu oMkhulu eshaywa, umprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu ngenkathi Eshaywa emuva lapho, Wathi, "Kufeziwe!" Nalowomzuzu, wathi nje loMelusi wezimvu angashaywa, kwase kuphelile. Isono sesixazululiwe, sasesingasekho isono. Babehlanzekile, inhlawulo yakhokhwa. Amakholwa amagama awo alotshwa eNcwadini yokuPhila, amiselwa ngaphambili kusukela ekusekelweni kwezwe, kwase kufeziwe ngawo lowomzuzu uJesu athi kwase kufeziwe. Yena, lowoMelusi wezimvu oMkhulu, wayekade eze ngezimvu zaKhe. Kwase kufeziwe, isandla sokudla sikaNkulunkulu sahoshwa esifubeni saKhe, sashaywa. Kwase kuthi-ke ngePhasika Wasibuyisa (amen), wasiphakamisela futhi esifubeni saKhe, wayeseselulela phansi kuwe nami, ngesimo seZwi laKhe, ukusihlenga sibuyele ensimini yasekuqaleni lapho isono sasithatha khona. Imfihlo efihlakele yenhliziyo yaKhe enkulu yembulwa ngumelusi wezimvu-mProfethi. Kwembulwa nguMelusi wezimvu, umelusi wezimvu-mProfethi.

182 Akumangalisi izintaba zagxuma futhi zamemeza ngalolosuku. Akumangalisi ilanga lafihla ubuso balo futhi lwampompoloza ngenjabulo. Akumangalisi yonke imvelo yagqabuka yadedeleka; umoya wazamazamisa izihlahla zaze zazamazama zazamazama, futhi zajabula, futhi zagxuma. Zambona umelusi wezimvu-mProfethi, entabeni, wahlenga lonke igama eliseNcwadini yokuPhila. Futhi babona ukuthi imvelo yabo uqobo yayihlengiwe! Bampompoloza, futhi bagxuma. Nezwe langena kwintabamlilo. Nezintaba zadabuka, namadwala awa. Nelanga lashona. Na—nayoyonke into yenzeka. Njenganoma yimuphi umhlangano, ngenkathi uMelusi wezimvu embula kuwe ukuthi "kufeziwe!" Lapho . . .

183 Ngizibonile izikhashana zokugxuma, nezikhashana zokujabula, kodwa akukho-muntu owalimala. Izintaba zezwakala, futhi za . . . ilanga lashona, nayo yonke into yenzeka, kodwa kwakungekho-muntu owalimala. Futhi ngiyibonile imihlangano lapho amandla kaNkulunkulu embulwa kubantu ukuthi ba "bekhululekile ezweni nezinto zezwe," nenjabulo yeNkosi yagcwalisa ibandla. Bama futhi bampompoloza, futhi bakhala, futhi bamemeza ngalolonke iphimbo labo, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Angizange ngibone noma yini engahlelekile, babehlala njalo behlelekile; ngoba babekuqondile lokho, igama labo elalikade lilotshwe eNcwadini yokuPhila ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Umelusi wezimvu-mProfethi omkhulu wayebalethele uMlayezo, futhi bakhululwa, umelusi wezimvu-mProfethi. Akunandaba ukuthi ezinye izinkundla zobufundisi zathini ngaWo, bazi ukuthi kwakwenzekeni. Njengoba nje labobelusi bezimvu benza emuva lapho, bazi ukuthi kwenzekani.

184 Akukho-muntu onelungelo lokungena edeskini elingcwele ukuba ashumayele iZwi aze ukuba usenze njengoba kwenza uMose, abonane noNkulunkulu, yena uqobo, phezu kwezinkundla lapho khona okungekho-siyazi wezenkolo ongaLichaza alidedise. UMose wayelapho! Akunandaba ukuthi izithunywa zikaIsrayeli zasho kanjani ukuthi, "o, kwakungumbhedo, uyacabangela nje ukuthi wakubona lokhu; kungumbhedo," wawungeke ukususe Lokho kuye, wayazi! Wayelapho! Wayenguye okwenzeka kuye! Futhi akukho-muntu ngesiqu se—sesayense yezenkolo noma ngesinye isiqu sobudokotela onelungelo emva kwepulpiti, ukuba azisho ngoMlayezo kaJesu Kristu, aze ukuba kuqala usebonane noNkulunkulu ubuso nobuso eNsikeni yoMlilo. Akanalungelo lokuzibiza ngesithunywa, ngoba bonke osiyazi bezenkolo ezweni bebengeke bakuchaze Lokho bakudedise kuwe. Kwenzeka kuwe! Wawukhona, uyazi ngaKho. Khathal'ukuthi ubani omunye uthini, noma bangasho kanjani ukuthi, "izinsuku seluphelile, akunjalo," wena . . . kwenzeka kuwe, futhi kuhambisana neZwi.

185 Yebo, yingalesosizathu uMose wayelazi ukuthi leliPhimbo lalikhulume kuye, laliyiPhimbo eliyiZwi. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayetshele uAbrahama, "Inzalo yakho iyogogobala iminyaka engamakhulu amane, kodwa Ngiyobakhulula." Futhi wayazi ukuthi iminyaka engamakhulu amane kwase kuyiyo futhi wabizelwa ukukwenza.

186 Silisa nabesifazane, uNkulunkulu wethembisa ngalolu izinsuku zokugcina ukuthi Wayezothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama. Wethembisa kuthi Uyothumela umBhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi Wayezobiza uMlobokazi ongenasici noma umbimbi. Wethembisa ukukwenza, Uzokwenza. Ningabalalaleli lababelusi bezimvu

abaqashwayo, bayonidukisa. UMoya oNgcwele unguMelusi wezimvu ukunipha ukudla kwezimvu okuvela eZwini laKhe. Njalo kufika ngoMelusi wezimvu. UnguMelusi wezimvu wethu. Mlaleleni, niyizimvu zesibaya saKhe; uma niyizo, nizwa iPhimbo laKhe. Hhayi okushiwo ngomunye umuntu, yizwani lokho Akushoyo. Iphimbo elingaziwayo, anazi lutho ngalo.

187 O, he, lalelani umprofethi-Melusi wezimvu uSomandla futhi ehumusha futhi ethula kubo. UJohane, ngenkathi ema emfuleni iJordani, bukani ukuthi wathini. Wayemi lapho eshumayela; wathi, "Ihora liyeza . . . "

188 Qaphelani, uJohane wayeyindodana yompristi. Njalo babelandela u—ulayini kababa wabo, yileyondlela esathola ngayo amagama ethu. Nganoma yikuphi abakwenzayo, bababiza ngalokho. NoJohane wayefanele abe ngumpristi njengoyise.

189 Futhi, niyazi, lomama, ngenkathi wayekade ekhulelwe, emva kokuba iNgelosi yeNkosi ihlangane noyise uZakariyase, wayeseya ekhaya kuElisabethe, futhi wayesevele enezinyanga eziyisithupha e . . . ukuba ngumama. Kodwa wayengakabi nakho ukuphila, wayesaba ngoba ingane yayinganyakazanga. Lokho kungaphansi kokuvamileyo.

190 NoMoya oNgcwele, iNgelosi yeNkosi yabonakala kuMariya, futhi yamtshela ukuthi waye "zoba nengane, engazi-ndoda," futhi yamtshela ngesimo sikaElisabethe.

191 Wenyukela emagqumeni aseJudiya, ukuyotshela uElisabethe. Futhi ngenkathi ehlangana noElisabethe, wamtshela ukuthi wa "yezoba ngumama." Futhi akakuqondanga, "engazi-ndoda." Kodwa wathi, "UMoya oNgcwele ungisibekele, futhi wathi lento eNgcwele ezozalwa yimi izobizwa nge 'Ndodana kaNkulunkulu," NgizoYiqamba igama lokuthi 'uJesu.'" Futhi kungokokuqala ukuba igama elithi Jesu lize likhulunywe odebeni lomuntu, ingane encane efile, esiswini sikanina, yaxhuma ngokujabula futhi yamemeza; futhi yaxhuma esiswini sikanina, futhi yayingakaze ikwemukele ukuphila ngaleyonkathi.

192 Igama likaJesu Kristu lakhuluma ukuphila enganeni efile. BeLifanele lenzeni ebandleni elizisho ukuthi lizelwe ngokusha na?

193 Futhi sahlala ngokumuncu nje njengamangqumunga emanzini okugqumisa, futhi sivumele izinto ezinjalo ziqhubeke. Futhi wesaba ukuvuka futhi ufakaze kokholelwa yikho, futhi ugxeke wonke lombhedo, wenze uJesu abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Yisikhathi sikaKhisimuzi, khipha laba oSanta Claus nezinto, phansi nalombhedo wokuhweba. Wake wezwaphi ngoSanta Claus eBhayibhelini na? Yisayense yezinganekwane yamaRoma, akukho lutho kukho nhlobo, ayikho into enjalo. Ningabafundisi abantwana benu umbhedo onjengalowo.

Lapho ngelinye ilanga uyodingeka umtshele ukuthi konke kwakuyindaba eyimpumputhe, manje-ke uyobe uqambe amanga kumntanakho. Futhi kuyolimaza ubufakazi bakho ngoJesu Kristu, uyothi, "Mhlawumbe Yinto efanayo." Buyiselani uJesu Kristu umprofethi-Melusi wezimvu oMkhulu kuKhisimuzi lapho Ungowakhona.

194 Qaphelani, lalelani lomprofethi, uJohane, lapho ema lapho. Sonke siyazi ukuthi wayengumprofethi-melusi wezimvu omkhulu. Manje, wayenomlayezo, iNgelosi yayazi ukuthi wayezokwethula uJesu.

195 Manje, wayengenakuya ekholiji elithize. Babeyothi, "Manje, uyazi ukuthi uDokotela u*S'bani-bani* ungumuntu nje ukuba athathe indawo manje. Wena uzomethula. Futhi uyazi ukuthi nje . . . " Niyabo, wayengenakuxubana nomuntu.

196 Eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, siyatshelwa, wahamba wayongena ehlane ukulungisa phambi kukaNkulunkulu. Bavela lapho-ke abelusi bezimvu. Qaphelani umlayezo wakhe wawungafani nosiyazi wezenkolo, nothize omkhulu, amazwi amakhulu akhukhumele esiqu esithize. Wathi, "O, nina nzalo yezinyoka." Etshela indoda yezenkolo, "Nina sigejane sezinyoka." Yilokho ayekubone ehlane, wabona inyoka. Into ephansi kunazo zonke ayengazithola kwakuyinyoka, futhi wabiza labobapristi nabafundisi basesontweni nosiyazi bezenkolo bangalolosuku ngokuthi, "Isigejane sezinyoka!" Wathi, "Ubani onexwayise ngolaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi, 'Sikhonza *kuleli*, futhi sikhonza *kulelo*,' ngokuba Ngithi kini uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Amatshe, ayekubone ehlane. "Futhi, izembe libekiwe empandeni yomuthi." Yilokho ayekade ekubonile: izinyoka, imithi, ihlane. Futhi, niyabo, lowo kwakungumlayezo wakhe. Wayengawazi amagama amakhulu akhukhumele kadokotela wezobunkulunkulu othize omkhulu (owayengaKuchaza akuchezukise konke), washumayela nje impela ngomugqa wemvelo.

197 Yilokho esikukhombisayo lapha: intonga yomelusi wezimvu, umelusi, imvu, umugqa wemvelo.

198 Wenzani na? Wayenento enkulu afanele ukuba ayenze, nguye owayezokwazi uMesiya. Wathi, "Ngithi, 'Umi lapha phakathi kwenu manje. Futhi aniMazi, ngoba isayense yenu yezenkolo inibophe ngqi, anazi ukuthi nikuphi.'"

199 Ngoluny'usuku uJesu uyeza ephuma ehamba, wathi, "Bheka, nanto liza iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." IWundlu! Halelluya! UkuBuyisana kwangempela! Nakho kuza khona impela zonke izimvu kusukela eNsimini yase-Edene phansi ebezikukhombisa, umuntu ojwayelekile ehamba ehlela emfuleni.

200 Bathi, "Johane, uLaze kanjani na? Angibonanga neyodwa into ehlukile."

201 "Kodwa ngiyafakaza, ngibonile uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, nePhimbo lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi eNgithokozile ukuhlala kuYo.'"

202 Bhekisisani iJuba neWundlu. Niyabo? Ya. Ukuba-ke kwakukade kuyi . . . ukuba-ke kwakukade kuyinto . . . Ukuba-ke kwakukade kuyimpisi imi lapho na? Awu, leloWundlu lalingeke lenyukele phezu kwe . . . noma leloJuba . . . uNkulunkulu wazifanekisa Yena nejuba, emnene kakhulu kunazo zonke izinyoni zezulu; iNdodana yaKhe ngemvu, esimnene kakhulu kunazo zonke izilwane emhlabeni. Niyabo, inyoni ehlanzekile yasemazulwini, hhayi igwababa; hhayi inqe, kodwa ijuba. Hhayi ingulube, kodwa iwundlu. Noma yiyiphi enye imvelo yayingeke ihlangane thaqa.

203 Futhi qaphelani ngenkathi iJuba lifika phezu kweWundlu, LaLihola. Hhayi ngendlela Ayezo, kodwa ngendlela uBaba ayezoLihola ngayo. Yileyondlela iwundlu langempela eliyiyo namhlanje. O mvu yesikhathi sikaKhisimuzi, awazi yini ukuthi uNkulunkulu uhola kuphela ngeZwi laKhe na? Leyo yintonga yaKhe.

204 Qaphelani ayikho into eyayiyokwenzeka, kodwa uJohane wathi, "Bonke abanye abaLibonanga, kodwa ngiyafakaza, 'NgiLibonile.'" Ethula: "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe."

205 Ake manje ngethule uMlayezo wami kaKhisimuzi, futhi ngenkathi ngisavala manje: "UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade." YileloWundlu elifanayo. Useyilo kakhulu impela nje iWundlu namhlanje njengoba Wayeyilo ngaleyonkathi. Usalokhu enjalo kakhulu impela nje lapha njengoba Wayenjalo lapho, ngokuba iZwi laKhe lifana. "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, naMi ngikhona phakathi kwabo." Yilokho impela Akusho. Akaguquki neze, UnguNkulunkulu iZwi. Akaguquki neze; usalokhu enikeza izimvu zaKhe, futhi ezondla ngomprofethi-Melusi wezimvu waKhe, ukudla kwaKhe kwezimvu kuqala. Hhayi kosiyazi bezenkolo, ezimvini zaKhe.

206 Bangeke . . . BangaLidla kanjani labo abanye. Kodwa izihlakaniphi . . . Qaphelani lokhu! Kodwa izazi nezihlakaniphi, abaqeqeshwe kahle yizwe, basalokhu befisa ukuthi bathi kukhona uSanta Claus. Futhi kukhona zonke izinhlobo zenganekwane nezinto abazikhonzayo, ngoba bangeke baMvume, iZwi; ngoba emahlelweni abo, Alifithi ekunambitheni kwabo, abelusi bezimvu abaqashwayo bosuku. Abaqashwayo esivumwenikholo, abayofuna ukunihlanganisa phansi kwembuzi eyodwa, ningakukholwa! Bayoniholela ezibayaneni zokuhlabela. Zwanini uMelusi wezimvu

oMkhulu owazalwa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula ngalenyanga, mhlawumbe phandle ngaleya eMlayezweni waKhe kufika abelusi bezimvu beqiniso ababazi ukuthi zinakekelwa kanjani izimvu.

207 Siqaphela, basakufisa. Bangeke baWemukele namhlanje, ngokufanayo nje njengoba benza ngaleyonkathi, ngoba akukufithi ukunambitha kwabo kobufundisi. Baphendula leloZwi bese belenza lifanelane nenhlangano yabo, futhi bangeke balishumayele iZwi. Bangeke! Bathi, "Awu, lokho kwakungokwezinsuku zabaphostoli. Alisho khona *lokhu*." Lisho khona impela nje eLikushoyo, Alidingi muntu uku...?... Lihumushela bona.

208 Manje masithi ngalelihora sikhothamise amakhanda ethu nezinhliziyo ngasothulini lomhlaba, futhi sisheshe ngempela siye emkhombeni, ukubona nokuthi semukele ukuKhanya okulethwa yileliZwi ngoMelusi wezimvu: umelusi wezimvu-mProfethi oMkhulu, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Ngikhulume kini ngelula. Ngingahle ukuba angiwalungisanga kahle amazwi ami njengoba abefundisi basesontweni befanele, angizami ukwenza lokho. Ngizama ukuLikhuluma njengoba nje Enginika Lona.

209 Kodwa, niyabona ukuthi kungani kwafanele kube abelusi bezimvu na? Abaningi babeqeqeshwe kanjalo komunye umcabango baze abangabe besaLemukela. Futhi namhlanje sinazo zonke izinhlobo zababonisi, indoda yesigodi, ababhishobhi, abapristi, izikhulu zesonto okhadinali, ophapha, yonke into ezweni, ukuzama ukusihola. Kodwa uNkulunkulu usinika uMelusi wezimvu, nalowoMelusi wezimvu nguMoya oNgcwele.

210 Ngilaleleni manje. "Uma Yena..." (hhayi umcabango, *Yena* yisabizwana sobuntu) "Uma Yena uMoya oNgcwele esefikile (uMoya weQiniso), Uyonembulela lezizinto eNgizishilo kini, futhi uzonibonisa okuzayo." Lowo nguMelusi wezimvu oMkhulu, Lowo nguMelusi wezimvu uJesu amshiyayo. NoMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, iBhayibheli lasho njalo, "Umuntu wasendulo, eholwa nguMoya oNgcwele, waloba iZwi." Manje, uMoya oNgcwele ubengakudonsela esivumwenikholo na? Ubungakudonsela—donsela entweni ethize leliZwi elingayisho na? Ngani, bekungeke kwenzeka sanhlobo. UMoya oNgcwele ubungaba ngumqambimanga uma Ethe "*Yilokhu* obufanele ukwenze," bese-ke ejika bese ethi, "Qhabo, Kwakuyiphutha, futhi yenza lokho ibandla elithi kwenze."

211 Manje, uma ubulalele into ethize, omunye ukudonsa akususe kowangempela, uMelusi wezimvu weqiniso oyokuholela eZwini, uMoya oNgcwele, futhi awunaso isehlakalo, futhi awunabo ubufakazi bukaMoya oNgcwele empilweni yakho, okungukuthi ngaphandle...

212 UNkulunkulu Munye. UNkulunkulu nguye kuphela onokuPhila okuPhakade, futhi UngukuPhila okuPhakade. Futhi noma yini eyayinesiqalo inesiphelo. Futhi nje uma uyilunga lebandla, lalinesiqalo. Kodwa iZwi likaNkulunkulu alinasiqalo, uNkulunkulu akana. . . Futhi uma uzalwa nguNkulunkulu, uzalwa yiZwi, khona-ke uba yindodana kaNkulunkulu, negama lakho lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi wena, umbala wezinwele onazo, umbala wamehlo onawo, isithombe okuso, uNkulunkulu ukubone ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi Ukubonile, isidalwa esingumuntu, njengoba uyiso. Futhi nakuba kufika iminyaka eyisigidi nokho, akukho okungakuvimba ekutheni ubuyele kulowomfanekiso ophelele uNkulunkulu akumisela wona ekuqaleni, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela."

213 Futhi uma ungakwemukelanga lokho kuPhila okuPhakade, kulobubusuku, futhi ubuka indaba e—e—eyinganekwane yengane encane ilele e—e—emkhombeni, nesigejane sesazi sizungezile, ungazikholwa izinto ezinjengalokho. Futhi uzama ukucabanga, "Awu, ngizoba kahle. Futhi ngizokwenza *lokhu*. Futhi ngizojoyina ibandla. Futhi yilokho kuphela engidinga ukukwenza." Ulahlekile. Uma ungenakho ukuPhila okuPhakade, ungaze uphile kanjani kuze kube phakade na?

214 Ungathatha uhlamvu lommbila, angikhathali ukuthi lubukeka luphelele kanjani, unga man-. . . Isayense ilukhiqizile, ukuthi ungalusika uluvule: lunohlobo olufanayo lomswakama, uhlobo olufanayo lwenhliziyo, izakhi ezifanayo uhlamvu olumile ensimini olunazo, into efanayo. Ubungazifaka endlini yokusebenzela isayense, futhi ungeke walwehlukanisa olunye kolunye; olunye luyokwenza nje esihle impela isinkwa sommbila njengolunye, olunye luyokwenza uhlobo olufanayo lwamakhoniflekhi. Kodwa indlela kuphela ongazehlukanisa ngayo, ngukuthi uzimbele. Lolu olwenziwa ngumuntu, luhlala lapho, luyabola futhi lungaphinde luphume. Kodwa lolo olwenziwa nguNkulunkulu, lunembewana yokuphila, lubuye luphile.

215 Ungahle ulingise umKristu, ungahle uye ebandleni njengomKristu, ungahle ubhale igama lakho encwadini njengomKristu, ungahle ujoyine ihlelo njengomKristu; lokho kungaba kahle, kodwa ngaphandle uma lokho kuPhila okuPhakade kukuwe lowoMelusi wezimvu oMuhle owanikela ngokuphila kwaKhe, ukwehlukanisa. . . Ngenkathi uNkulunkulu ehla ePhentekoste, Wehla ngebhola lomlilo njengoba Enza eNtabeni yasesiNayi, njengoba Enza kumelusi wezimvu wokuqala, uMose. Futhi ngenkathi Ehla, Wazehlukanisa Yena ngezilimi zomlilo ezahlala phezu kwalowo nalowo wabo, uNkulunkulu ezehlukanisa Yena engena kubantu

baKhe. Futhi ngaphandle uma wemukele lokho oku. . . uPetru washo ukuthi "Ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude."

216 Bangane, ningalaleli noma yiyiphi inganekwane yesayense yezenkolo, zalwani ngokusha. Futhi uma nizalwa, uMoya okini uyinxenye kaNkulunkulu, futhi ufakaze kulo lonke iZwi likaNkulunkulu li "YiQiniso." Uma ningenaso lesosehlakalo, masisheshise manje siye emkhombeni, iZwi. Masisheshise siye eBhayibhelini, sidede kulamabandla ethiwe ngesayense yezenkolo ahlotshisiwe, siye kowangempela umkhombe, siye eZwini likaNkulunkulu lapho uMesiya aziswa khona.

Amakhanda ethu ekhotheme, asikhuleke.

217 Nkulunkulu oThandekayo, yilokho kuphela engikwazi ukukusho ngalesisikhathi. Sisondela kuKhisimuzi, imigwaqo iminyene owesilisa nabesifazane, abafana namantombazane, befuqa, besunduzana, bezama ukuthenga isipho ukubuyela komunye ozobapha ngokufanayo. Abantu abaningi abazibiza ngamaKristu baphumele emigwaqeni bethenga osikilidi, uphuzo, benzela izipho zikaKhisimuzi. Nkulunkulu, kubukeka sengathi basibuyisela ngokusijikijela ebusweni baKho, befundisa abantwana babo inganekwane ethize, yeRoma, isayense yezenkolo yabahedeni kaNicholas oNgcwele, insumansumane ethize emukelwa kalula yizwe, futhi bayamenqaba uKristu wangempela kaKhisimuzi, iWundlu langempela.

218 Nkulunkulu, ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi njengoba amakhanda ethu ebheke phansi ngasothulini Osikhiphe kulo, . . . Wake watshela uAbrahama, umelusi-wezimvu-mprofethi, "Phuma, Abrahama, bese ubala izihlabathi eziphezu kogu lolwandle."

219 Wayesebuyisa izwi, "Akuanakubalwa, ngingeke ngakuabala."

220 Wena wase uthi, "Bheka phezulu ngasemazulwini, futhi ubale izinkanyezi." Futhi wazi ukuthi lokho kwakungenakwenzeka. Futhi Wena wathi kuye, "Iyakuba njalo inzalo yakho." Sibuka lowomlayezo kulowomprofethi-melusi wezimvu, "kusukela othulini lomhlaba, kuya ezinkanyezini zezulu," ukuthi nakuba kungabakhona ukufa emizimbeni yethu efayo ukusiyisa othulini, kukhona ukuPhila okungasikhuphulela ezinkanyezini.

221 Njengoba Washo kumprofethi waKho omkhulu uDanyeli, "Nalabo abamaziyo uNkulunkulu wabo, ngezinsuku zokugcina, bayophikelela. Nalabo abaphendulela abaningi ekulungeni bayokhanya bedlule izinkanyezi kuze kube phakade naphakade."

222 Nkosi Nkulunkulu, Mdali oMkhulu, Owathanda kakhulu ukuza emhlabeni ngesimo sikaJesu, ukuvumela umuntu azi ukuthi uNkulunkulu wayeyini. Futhi Waba nguWe kuphela

Owakwazi ukuthatha inhlawulo yokufa, akukho-Ngelosi, akukho-sibambiso esasingakwenza. Waba nguWe owabeka inhlawulo, futhi nguWe kuphela owawungayisusa ngokufanele. Futhi ngokuba nguMoya, Wawungeke ufe. Kodwa Wenziwa inyama ukuze Ukwazi ukuthi ufe; bese uba yiWundlu ukuze Ususe isono sabaHlengiweyo baKho, ukuthi Waze wadingeka ubahlenge ngeGazi laKho uQobo.

223 O, indaba inkulu kakhulu, Nkosi, yeqa ekhanda labaningi kakhulu. Ukucabanga: "UJehova omncane, elele emkhombeni, Wadingeka aphile njengengane. UJehova omncane, wazalelwa esitebeleni. UJehova omncane, edlala nabantwana emgwaqeni. UJehova omncane, ibhungu. UJehova omncane, umfana wesikole. NoJehova, onaMandla." Wena wathatha zonke lezizindawo. "Kwase kuthi-ke, uJehova, iWundlu. UJehova, umProfethi." Futhi Wena waba yikho konke lokhu ukuze uzwe ubuhlungu benhlawulo yesono, nokusinika ukuPhila okuPhakade.

224 Sithethelele, O Nkulunkulu, thina, esimpofu, izidalwa zalelizwe ezingafanele. Siyehliswa kulobubusuku, Nkosi, uma sifunda lokho Osenzele khona, futhi kuncane kakhulu esikwenzile ukwenanela. Ukuthi Ufika kanjani ngalezizinsuku zabaholi bezenkolo abakhulu! Ukuthi Wawuthanda kanjani ukuma futhi ubonise iZwi likaBaba! Ukuthi Awuxegisanga kanjani phezu kwemicabango yabo engenasisekelo! Futhi namhlanje kubonakala sengathi akukho-namunye ofuna ukuma qekelele futhi abize iZwi ngokuthi liseyilo "IZwi," futhi angaxegisi. Siyakhuleka, Nkulunkulu, Wena sithethelele ngalezizinto esingazinakanga kangaka. Futhi sinike kulobubusuku, ezinhliziyweni zethu, njengoba sizinikela kuWe njengomkhombe. Futhi siyazi ukuthi ngaso sonke isikhathi uma uKristu oBethelwe emukelwa, kukhona ukuzalwa okusha, kukhona imvu ezelwe ngokusha, kukhona ukuhlabelela eZulwini ngeziNgelosi. Phezu kwesoni esisodwa esiphendukayo, iziNgelosi ziyahlabelela futhi.

225 Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uma bebakhona abanye lapha kulobubusuku ongaKwaziyo njengesiPho sangempela sikaNkulunkulu, njengoMsindisi oqondene nawe, hhayi nje ngomqondo wengqondo, kodwa ngokuzalwa okusha (kokuzalwa ngoMoya waKho), kwangathi bangaSemukela manje nje, Nkosi, amakhanda ethu ekhotheme. Futhi uma efanele abekhona oyedwa, Nkosi, ongakakwenzi lokhu, kwangathi izinhliziyo zabo zingemukela ukujabula manje, futhi bathole njengabelusi bezimvu basendulo, emkhombeni wenhliziyo yabo, iZwi, uMesiya; ozoqinisekiswa kubo njengoMoya oNgcwele, uMelusi wezimvu oMkhulu wosuku. Sicela lokhu ngeGama likaJesu.

226 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, futhi ngethemba ukuthi izinhliziyo zethu ziyakhothama, unga—ungakwenza, mfowethu othandekayo, noma ungahle ube yilunga lebandla . . .

Futhi ngethemba ukuthi anginilimazanga ngokusho lokho engikushilo. Ngi. . . Kulungile ukukhonza esontweni, sifanele sikwenze lokho, kodwa, O mfowethu, nje ungakwemukeli lokho, umele uzalwe ngokusha. Yilokho umelusi wezimvu-mProfethi oMkhulu akusho, "Umelwe uzalwe ngokusha." Wakusho lokho kusiyazi wezenkolo, "Ufanele uzalwe ngokusha."

227 Futhi uma uzalwa ngokusha, akusikho nje ukuthi yingoba ukholwa. Bathi, "Uzalwa uma ukholwa."

228 Kodwa iBhayibheli lathi, "UDeveli uyakholwa, naye." Manje, qaphelani, akusikho lokho, kuyisehlakalo.

229 Uthi, "Awu, ngiphile impilo enhle."

230 Benzenjalo nabaphostoli, kodwa babengazelwe ngokusha baze bamukela uMoya oNgcwele. Babengakaphenduki ngisho baze ukuba sebemukele uMoya oNgcwele. Niyabukhumbula ubusuku ngaphambi kokukhashelwa. . . noma ekukhashelweni, ngaphambi nje kokuba ukukhashelwa kwenzeke na? UJesu wathi kuSimoni Petru, "Uma usuphendukile, khona-ke uqinise abafowenu." Futhi uPetru wayesemlandele iminyaka emithathu nohhafu, futhi wayekhiphe amademoni, futhi waphilisa abagulayo, wayeshumayele iVangeli, futhi wayesalokhu (ngokweZwi) ngisho engakaphenduki.

231 Manje, ubungalufuna lolohlobo lwe—lwesiThunywa enhliziyweni yakho kulobubusuku na? Uma—uma ukufuna ngempela Lokho. . . Akwenzi-mehluko ukuthi omunye umuntu uthini, Kuyiqiniso, mfowethu, dadewethu. Ngiyakwazi lokho ukuthi kuyiqiniso. Ungakwenza na, ngenkathi onke amakhanda ekhotheme nawo onke amehlo evaliwe, hhayi kimi, ngingumuntu nje, umfowenu, kodwa kuKristu ubungaphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa Lokho. Futhi ngempela ngifuna lowoKristu enhliziyweni yami, uKristu wangempela kaKhisimuzi"? Ungasiphakamisa isandla sakho manje na? UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, nawe. UNkulunkulu akubusise. He, izandla ndawo zonke.

232 Kwangathi kungenzeka, mfowethu; kwangathi kungenzeka, dadewethu; kwangathi kungenzeka, mngani wami; nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kwenza mehluko muni ukuthi ubani omunye uthini na? Khumbula, yimpilo yakho. Singahle singabibikho ngisho nasemhlabeni ekuseni, asinasi—nasiqiniseko esingengaphezu kokuphila kunalowomoya esinawo emakhaleni ethu manje. Singahle singaphinde senze okunye ukuphefumula, kuphela umusa kaNkulunkulu. Futhi kusiza ngani, akunandaba ukuthi uphile kahle kangakanani nokuthi ini. . .? UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, akayikungena."

233 Manje, ngiyazi ukuthi *amasayense okusebenzisa amagama* ngokuyikho okuthi ukuzalwa ngokusha kuyini, kodwa nje

ake sibhekisise ukuthi kwenzekani eBhayibhelini ngenkathi bezalwa ngokusha. UPetru wayeyikholwa, abaphostoli babeyikholwa, kodwa abazalwanga ngokusha kwaze kwaba semva kokuba uMoya oNgcwele ehlele kubo ePhentekoste. Manje, babemangala ukuthi kwakwenzekeni, noPetru wathi, kanye nabo bonke abanye, "Ndoda yakwaIsrayeli, makwazeke lokhu kini; uJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngezibonakaliso nezimangaliso nezimanga, uNkulunkulu azenza ngaYe; Yena owayaziwa ngaphambili, ngesu elimisiweyo namthatha ngezandla ezingenamthetho futhi nambethela, uNkulunkulu Amvusileyo futhi singofakazi baKhe. Waphalala lokhu enikubonayo nenikuzwayo manje, futhi kungokomBhalo."

234 Kwase kuthi-ke, kwathi bekuzwa lokhu, bahlabeka enhliziyweni yabo, base bethi, "Ndoda bazalwane, singenzenjani ukuze sisindiswe na?"

235 UPetru wathi kubo, "Phendukani!"

236 Manje, mngani wami oyiKatolika ohlezi lapha, engazi ngabane noma abahlanu benu abahlezi lapha. Ngangixoxa lokhu nompristi wenu, mhlawumbe akusuye umpristi *wenu*, kodwa omunye wabapristi abangamaKatolika, wathi, "UJesu wanika ibandla amandla okuthethelela izono, 'Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe; enibabamba ngezono zabo, babanjiwe.'" Lokho kuqinisile. Kodwa ake sibhekisise ukuthi wakwenza kanjani, ukuthi abaphostoli bakhe bayilandela kanjani inqubo yaKhe, hhayi ngokwendlela u—umpristi enza ngayo namhlanje.

237 Kodwa wenzani umpristi wokuqala, uma nifuna ukumbiza ngalokho, uPetru, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso, wathi akwenziwe kanjani na? Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso sikini, nakubantwana benu, nakubo bonke abakude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi uNkulunkulu usabiza, isehlakalo esifanayo singesenu uma nizolandela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Uma lelibandla likukholwa Lokho, namakhanda enu ekhotheme, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje-ke, noma yini esilele kuLokho iphambene neZwi, futhi ayihambisani noMelusi wezimvu.

238 Nkosi Jesu, basezandleni zaKho manje. Ngikhulekela ukuthi inhliziyo evulekileyo ngayinye kulobubusuku engenaye uKristu, uMesiya. . . NoKristu uyiZwi, iZwi eligcotshiweyo elenziwe labonakala. Futhi uma zikhona izinhliziyo ezivulekile lapha kulobubusuku engenaye lowoMesiya, iSipho sangempela sikaKhisimuzi, iSipho sangempela kuphela sikaKhisimuzi esikhona uNkulunkulu asinika izwe, futhi Simemezela ezweni

ngabelusi bezimvu, seWundllu laKhe, ukuBuyisana ngesono. Futhi uma leyonhliziyo ivulekile kulobubusuku, faka kuyo, Nkosi, iZwi likaMesiya lanamhlanje. Sibanikela kuWe eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

239 NiyaMthanda na? NiyaMkholwa na? "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe, zonke ezinye izinto ziyonezelwa kini."

240 Bangani, ngaphambi kokuba siphume, ngifuna ukusho lokhu. Izikhathi eziningi, angiqondakali kahle impela. NginoMlayezo ovela kuNkulunkulu, futhi ngifanele ngiwumemezele lowoMlayezo kungakhathaleki. Ngiyazi aWuqondakali. Uma Wawungenjalo, khona-ke Ubungeke waba nguMlayezo kaNkulunkulu; Ubungebe njalo. Maningi amathizethize namhlanje aWo ukuba ungaqondakali. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unomuntu kuwo onke amahlelo nenhlangano yezwe, futhi akusikho ukuthi ngimelene nabazalwane bami. Ngifika lapha eTucson, eminyakeni emithathu edlule, futhi ngaba nomhlangano nani befundisi enhla kwaMfowethu Gilmore, futhi kwabuzwa, ngabe ngi "ze lapha ukuzoqala ibandla na?"

241 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngiza lapha uku*ni*siza." Kodwa angikabuzwa namanje, eminyakeni emithathu. Kodwa nje okufanayo, ngilapha ukuba nginisize. Ngilapha ukuba ngijoyine izandla nani, hhayi ukuthi ngijoyine inhlangano nani, kodwa ngijoyine izandla nenhliziyo nani phezu kweZwi likaNkulunkulu, ukuzama ukushumayela iVangeli kuyo yonke imiphefumulo elahlekile nawo wonke umuntu odingayo ophansi kokuzwakala kwamaphimbo ethu.

242 Ngizinikela mina kuNkulunkulu, kulobubusuku, ngayo yonke inhliziyo yami, ngakho konke lokho okukimi. Anginakho okuningi kakhulu engingakunikeza; angikwazi ukuletha inhlaka, imure, negolide, ngoba anginakho. Kodwa konke enginakho kimi uqobo uNkulunkulu anginika khona, lokhu ukuphila, ngikunikela kuYe kabusha kulobubusuku, phezu komkhombe weZwi laKhe enhliziyweni yami; futhi ngiyaMethembisa, ukuma naleloZwi, uma Ezongivumela ngiphile omunye unyaka, ngime nje ngokukhulu ukwethembeka engingakwenza; ngishumayele konke nokuncu kwaLo, futhi ngikholwe konke nokuncu kwaLo; ngakho, ngisize, Nkulunkulu. Nizokwenza okufanayo nami na?

243 Semukele, Nkosi. Siyasemukela iSipho saKho sikaKhisimuzi, uMesiya, iZwi eligcotshiwe eliqinisekisa uBukhona baKho nathi, Nkosi, kungakhathaleki ngesivumokholo noma ihlelo. Siyathola, uqobo lwethu namhlanje, izwe liqhekezeka, futhi lapha uMesiya omkhulu umi nezandla zaKhe zelulekile: uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade, lokho kwenza izithembiso, ukuthi ngalolu izinsuku

zokugcina, ibandla liyohlelwa kakhulu liyoze liyongena eLawodikeya. Futhi siyakubona namhlanje, Nkosi.

244 Singenzenjani, Nkulunkulu othandekayo na? Ngingenzenjani na? Ngisize nalaba abanye abelusi bezimvu, Nkosi, emhlabeni jikelele, abelusi bezimvu beZwi, ukuLimemezela, Nkosi, ngalonyaka ozayo. Ngisize, Nkosi, siyakhuleka. Siphe okoThando lwaKho noMoya waKho nokuKhanya kwaKho. Sizinikela thina uqobo kulobubusuku eZwini laKho nasekubizeni kwaKho. EGameni likaJesu Kristu, semukela iSipho saKho sikaKhisimuzi: iZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama kithi. Amen.

245 Ngiyawathanda amaculo ebandla. UPawulu wathi, eBhayibhelini, "Ngenkathi ngicula, ngangicula eMoyeni. Ngiyashumayela, ngishumayela eMoyeni. Ngenkathi ngi . . . noma yini engiyenzayo, ngiyenza yonke eGameni likaJesu Kristu." Manje, ngokuthi Lokhu bekukhathaza kini . . . Futhi ngi—ngiyanithokozela. Ngifika naloMlayezo. Ngezinye izikhathi kubonakala sengathi ngiyakuzonda nje ukuWusho, kodwa nokho ngi—ngibophezelekile, bazalwane. Uma ngingakwenzi, ngingumzenzisi. Uma ngingakwenzi, ngiyimbuka kunembeza wami uqobo, nokukholwa kwami uqobo—uqobo eZwini likaNkulunkulu. Ngifanele ngikwenze, hhayi ukuba ngehluke, kodwa ukuba ngibe ngoneqiniso obizweni lwami. Futhi ngifuna ukunisiza nonke, ngifuna ukwenza yonke into engingayenza.

246 Manje asicule elinye lamahubo amakhulu azo zonke izikhathi, ngilithanda kahle kakhulu, *Ng'yaMthanda*. Niyazi, ngikholwa ukuthi uma nje singaMthanda sonke, singenza lokho Asicela ukuba sikwenze. "NiNgibiza kanjani nithi, 'Nkosi,' futhi ningenzi izinto eNginiyala ukuba nizenze na? NiNgibiza kanjani nithi, 'Nkosi,' bese kuthi-ke ningakwenzi eNganitshela ukuba nikwenze na?"

247 Ningaqoka ukulalela umelusi wezimvu oqashwayo ongathi "faka igama lakho encwadini, futhi ujoyine; thatha lesisidlo, shono *lokhu*, futhi kulungile," kanti uMelusi wezimvu oMkhulu qobo lwaKhe wathi "uma umuntu engazalwa ngokusha angewubone ngisho noMbuso weZulu"?

248 Futhi bukani labo osiyazi bezenkolo abaqeqeshiwe balolosuku, beqeqeshiwe! Bengcwele na? Ukuphila okuhlanzekileyo na? Asinalutho esingaluqhathanisa nakho namhlanje, indlela ababephila ngayo. Futhi uMelusi wezimvu oMkhulu wababiza ngokuthini na? Wathi, "Nina ningabakayihlo uDeveli," ngoba abazange . . . Baliqonda iZwi, kodwa iZwi lolunye usuku, hhayi iZwi langa*lolo*suku.

249 Uma basiqonda isikhathi sikaNowa, lokho kulungile, leso kwakuyisikhathi sikaNowa; kodwa sasingeke sisebenze ngesikhathi sikaMose. Nesikhathi sikaMose sasingeke sisebenze ngesikhathi sikaKristu. Niyabo? Isikhathi sikaLuther ngeke

sisebenze ngesikhathi sikaWesley. Isikhathi sikaWesley ngeke sisebenze ngesikhathi sePentekostal. NePhentekoste yenze into efanayo bonke abanye babo abayenza. Manje, ubani onginike usizo ngezinsuku ezedlule na? Nginibuzile.

250 Uma idlebe lotshani luvela, kuyini na? Ini . . . uma kuvela idlebe likakolo. UJesu wathi, "Uma uhlamvu lukakolo luwela emhlabathini." Kwenzekani uma uhlamvu lukakolo . . . noma ukolo uwela emhlabathini na? Into yokuqala evelayo yidlebe elincane. U—awufani nohlamvu olwangenayo. Bhekisisisani imvelo. Awufani nohlamvu olwangenayo, kodwa lungumthwali woku Phila kohlamvu. Okwafika . . .

251 Lowomphikinkolo osanda kubhala nje leyoncwadi edumile, *UNkulunkulu Othule*, yathi, "Angabakhona kanjani uNkulunkulu owakwazi ukuvula uLwandle oluBomvu, futhi ame yonke iminyaka eyinkulungwane yeminyaka yezikhathi zobumnyama futhi abone abantwana abancane bedliwa amabhubesi, nabantu belengiswa eziphambanweni, futhi babulawe ezinkundleni ezinkulu ama arena nezinto, futhi angawuvuli ngisho umlomo waKhe na?" Niyabo, iZwi liyisambulo.

252 Lowokolo, ngenkathi lowokolo wangempela uqala ekuqaleni, wehluleka kuNkulunkulu. Futhi ekugcineni nakho kufika uKolo, umbonakalisi wangempela kaNkulunkulu, owabonisa lonke iZwi laKhe ngangokuthi WayeyiZwi. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu waMnika uMlobokazi ePhentekoste; kodwa lowoMlobokazi waqathakela emhlabathini ngezikhathi zeminyaka yobumnyama, njengoba nje kwenza ukolo wangempela, Waqathaka wangena. Futhi awusebenzanga ngani na? Ngoba wawucashe phakathi nomhlabathi, wawufanele ubole ngaphambi kokuba ulethe ukuphila.

253 Kodwa kufika umpristi omncane ngesinye isikhathi, ogama linguMartin Luther, futhi waqhumisa elilodwa iZwi leQiniso: "Abalungileyo bazakuphila ngokukholwa," nakho kufika idlebe; kwase kuthi-ke elinye idlebe lalilandela, uZwingli, kwase kuthi-ke kufika uCalvin noKnox futhi kwehle njalo.

254 Into yokuqala niyazi, waguqula idlebe lawo, wahamba wayongena entshakazeni. Manje, lokho kwakubukeka kufana kakhudlwanyana impela nawo, kodwa noma kunjalo kwakungesiyo into yangempela eyangena emhlabathini, nango noWesley efika. KuWesley kwaphuma ibandla lamaMethodisti, ukusuka ebandleni lamaMethodisti kwafika iNazaretha, iUnited Brethren, kanjalo njalo. Kwenzani na? Kwabuye kwawa kwahlehla futhi futhi kwaveza, kubukeka kufana nohlamvu lwangempela lukakolo manje, iPhentekoste.

255 Manje, bhekisisisani uJesu, kuMathewu 24:24, "Ngosuku lokugcina, imimoya emibili iyosondelana kakhulu uyoze udukise nabaKhethiweyo, uma kwakunokwenzeka." Manje,

uma lolohlamvu lukakolo luvela, noma ubani umlimi kakolo uyazi ukuthi lokho kubukeka kuphelele, uhlamvu lukakolo. Kodwa uhlale phansi bese uluthatha ngesandla sakho, uluvule. Akukho kolo kulo, yikhoba. Kodwa emuva le ngemuva, phansi kwesibonisa-khulu imayikroskobhu ungawubona umqumbe omncanyana, nakho kufika uhlamvu. Bese kuthi-ke lizokwenzani lelokhoba na? Lingelokuba livikele uhlamvu, ilanga elishisayo belingalubulala, livikela uhlamvu uhlamvu luze luvuthwe. Bese kuthi-ke uma uhlamvu seluvuthiwe, ikhoba liyawohloka kulo. Kodwa, niqaphelile yini, lolohlamvu-ke oluvelayo, luzofanele lube wuhlobo olufanayo lohlamvu olwangena emhlabathini.

256 Emva kwemvuselelo kaLuther, kufika inhlangano. Emva kwemvuselelo kaWesley, kufika inhlangano. Emva kukaAlxander Smith, uJohn. . . Alexander Campbell, uJohn Smith, bonke abanye babo, kufika inhlangano. Emva kwePhentekoste, kwehle ngqo njengento yangempela, kodwa kufika inhlangano. Lenzenjani na? Lawohloka.

257 Sibe neminyaka eyishumi nanhlanu yemvuselelo, ayikaze yaziwe kuwo wonke umlando. Futhi bhekisisani, kulemvuselelo yeminyaka eyishumi nanhlanu, Kushanela umhlaba jikelele, futhi akukho neyodwa inhlangano eyakhiwe kuKho. Kwakukuphi na? (Kwaqala imvula yamuva, kwafela kokwakho. . . masinyane, kwafa.) Akukaze kubekhona-nhlangano elandela Lokhu. Ngani na? Kuwuhlamvu qobo lwaKho, ngeke kusabakhona okunye. Nekhoba manje liyawohloka, akukho-bambiswano, akukho-muntu okufunayo. Kungani na? Kuzofanele kube yiLokho.

258 Labekelwani lelobandla lapho na? UkuKweseka. Lapho. . . Ubani owayeyobambisana na? Yiyiphi iBaptisti, noma iPresbyterian, noma iLuthela ebiyosekela umkhankaso wokuphilisa ngokukaNkulunkulu na? Manje uma iQiniso livela, kwenzekani na? Hhayi ikhoba; kodwa ukuPhila kuphuma ngqo kusuka ekhobeni, kuyongena ngqo ohlamvini, ukuPhila kwangempela kweqiniso. Inhlangano ima lapho, iyafa, njengoba nje yenzile kuyo yonke iminyaka, yenza okufanayo. Niphuma kulokho, iminyaka engamashumi amahlanu eyedlula, futhi nabuyela ngqo kuyo futhi! Kodwa ukuPhila kwangempela kulandela uhlamvu, sisesikhathini sokuphela, bazalwane.

259 Lawohlokelani na? Ukuze lilethe uhlamvu ebukhoneni beNdodana, ukuvuthwisa uhlamvu lube sekuvuthweni okuyigolide kweNkosi. Liwohlokeleni na? Kanjalo, libangela izinsizi, izinyembezi, ukuthi abachaywa phambi kwel-a-n-g-a isun, kodwa iN-d-o-d-a-n-a iSon, ukuba bavuthwe eVangelini eligcwele leqiniso, ukuba babonakalise konke lokho uJesu Kristu akwethembisa eBhayibhelini. Kukhona ukuvuka koMzimba namhlanje phakathi kwabantu. Futhi ngeke kusabakhona-zinhlangano, kuphuma ngqo kwiLawodikeya

ecebile. Iphumelele ngani inhlangano na? Izigidi zamadola, nezigidi zemiphefumulo.

260 Futhi wayevelaphi umelusi wezimvu na? Ukukhulula abazalwane bakhe ebugqilini. A—angazi; Nkulunkulu, yiba nathi, sisize. Fundisisani iZwi! Hlolani imiBhalo! Kuyo sicabanga ukuthi sinokuPhila okuPhakade, futhi yiyona efakaza ngeQiniso. Niyabo, uNkulunkulu wabela amaZwi aKhe onyakeni ngamunye. Lonyaka njalo . . .

261 Wathini uJesu ngenkathi Efika na? Wathi kulabobantu, "Nina bazenzisi! Nina enicaka izindonga zibe mhlophe, bese nakha amathuna abaprofethi, noyihlo babafaka lapho. Futhi ningamadodana awoyihlo. Nemisebenzi abayenzayo, niyoyenza nani." Kuhlala kufana njalo, bazalwane bami.

262 Kodwa uma uJesu efika ngolunye usuku, uMelusi oMkhulu wezimvu kusukela ePhentekoste kwedlulele kuLuther kwedlulele kuyo yonke iminyaka, wemukele ukuKhanya lapho Kufika ngabathwali (abemukelanga umthwali, bemukela ukuKhanya; niyabo, baphuma), Uzofikela ukuhlenga. Ngijabula kakhulu ukuthi ngiyazi Uyabuya. O, ungabalwa neqembu laKhe na? Ungabalwa na? Yinye kuphela indlela yokukwenza, hhayi ngokujoyina ibandla, kodwa ngokuzalwa kuYe. "Nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi, futhi akekho ongeza uma uBaba waMi engambizi." Niyabo, yilokho kuphela okukhona kukho, Kwemukeleni. U . . . Yisona sipho sikaKhisimuzi kuphela engazi ngaso, yisipho sikaNkulunkulu Asinika ezweni, iNdodana yaKhe ezelwe yodwa. Futhi Nguyena, izolo, namuhla, naphakade, iZwi. Niyabo? Yikholweni kulolusuku, ukugcwala kweBhayibheli.

263 Ngenkathi lezozimfihlakalo eziyisikhombisa . . . Emuva ngaleyomiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, kwakukhona izimfihlakalo ezifihliwe eziyisikhombisa. Ngibhala incwadi yaLo. Nosiyazi omkhulu wezenkolo wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham . . . " Niyabona ukuthi uSathane uyozama kanjani ukukudluthula akukhiphe emgwaqeni na? Wathi, "Mfowethu Branham, uyazi ukuthini? Ngiyakholwa ukuthi iNkosi izokwembula kuwe ukuthi yini esizoyenza elandelayo. Nguku . . . kuzoba yimfihlakalo ethize enkulu efihlwe ngaphansi kwaleziziMpawu eziyisiKhombisa."

264 Ngathi, "Qhabo, akusikho lokho, mfowethu."

265 Wathi, "Kuyoba yinto engabhaliwe ngisho naseZwini."

266 Ngathi, "Qhabo! Qhabo! Uyakhohlwa, 'Oyonezela izwi elilodwa, noma asuse iZwi elilodwa.'" Niyabo, Selivele liphakathi lapho, kodwa abaguquli wehlulekile ukuLibona, abaphilanga isikhathi eside ngokwenele ukuLibona.

267 Neminyaka usuphelile manje, sikhona lapha eLawodikeya. Futhi khumbulani, unyaka waseLawodikeya, Wayengaphandle kwebandla, engqongqotha, ezama ukubuyela angene: uEva

wayekhiphe uAdamu wakhe. Nkulunkulu, sisize. Masiphumele ngaphandle kwekamu ukuba siMfumane. Masihlupheke ngaphandle kwamasango kanye naYe. Asiye kuYe ekufeni kwaKhe, ekumbelweni kwaKhe, nasekuvukeni kwaKhe; ngokuba Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

268 Asicule ihubo elilodwa ngaphambi kokuba sihambe. Nizokwenza na? *Ng'yaMthanda*. Ungasinika indlela, dadewethu na? Bangaki abalaziyo ihubo elidala na? Ngi . . . Uma wake waba semhlanganweni, ngiyalithanda.

269 Manje asivale amehlo ethu, cabangani ngoJehova. Akekho owayefanele, akekho owayengakwenza kuphela nguYe. Futhi Wehla, futhi uba yingane encane. Uyafika, ibhungu. Uba ngumbazi, indoda esebenzayo. Waba yiWundlu, Uba ngumhlatshelo. Wavuka ngokunqoba, uJehova. Futhi njengoba uMose wahosha isandla sakhe esifubeni sakhe siphezu kwenhliziyo yakhe, uNkulunkulu wahosha isandla saKhe esifubeni saKhe (imfihlo yaKhe) iNdodana yaKhe eyashaywa ngesifo sesono, esingelapheki; wabuye waSibuyisela esifubeni futhi, wayeseSikhipha wayeseSelulela kini nami: "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

270 Mbhekeni manje.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

271 Bangaki owaziyo ukuthi kwafanele kube ngumelusi, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—] Kufanele! Kungani umelusi wezimvu na? Kwafanele kube nguye. Manje sisacula lelivesi elifanayo siliphinda futhi, finyelela ngaphesheya kwetafula. Kukhona iMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, iKatolika, nabo bonke, behlezi phakathi lapha kulobubusuku. Xhawula, uthi, "Sihambi esingumfowakithi, ngiyajabula ukuba lapha nawe, kulobubusuku." Shono into ethize kubo. Thana, "UNkulunkulu akubusise," njengoba sixhawulana manje. Njengoba silicula futhi manje.

> Ngi . . .
> [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
> . . . nsindiso yami
> Emthini waseKalvari.

272 Manje asivale amehlo ethu futhi siphakamise izandla zethu, futhi sicule kuYe.

> Ng'yaK'thanda, ng'yaK'thanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

273 Futhi manje, uNkulunkulu akanasimo. Ngakho, asikhothamise amakhanda ethu futhi silihamishe manje, njengabantwana abancane, ningabantwana bakaNkulunkulu. Ningabuki lokho okungahle kucatshangwe yizwe, niyakhonza manje, nikhonza uKristu. Nje khothamisani amakhanda enu futhi nilihamishe. [UMfowethu Branham nebandla bahamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

274 Anizizwa nonke sengathi nikolojiwe na? Nje kuthi . . . into ethize nje ehlikihla konke ukungabaza nezwe lisuke kuwe na? Nizwa ngaleyondlela na? Phakamisani izandla zenu, "Ngizwa nje sekukolojwe konke. Ngizwa ukwehluka. Ngizwa sengathi kade ngidlela ezandleni zaKhe. Ngine, . . . " Njengomfowethu lapha wafakaza, "Ukudla, ukudla koMelusi wezimvu, ukudla kwezimvu." Lelo yiZwi.

275 Izimvu zikaNkulunkulu zizondla ngoKudla kwaKhe, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Futhi yilo Leli, iBhayibheli. Sizondla ngawo onke amaZwi, hhayi nje amanye amaZwi, kodwa onke amaZwi aphumayo. O, akukwenzi uMthande na? Ukucabanga ukuthi manje sinokuPhila okuPhakade! Hhayi ukuthi siyoba nakho, *manje* singamadodana kaNkulunkulu. Hhayi ukuthi siyoba yiwo, manje! Futhi kuhleziwe ndawonye ezindaweni zasezulwini *ku*Kristu Jesu. Nethelevishini enkulu, ememezelayo ukuthi kukhona igagasi lomoya osemkhathini wesibhakabhaka owenza abantu (umuntu ohamba umhlaba jikelele) aziwe nge—ngesibuko setelevishini. IZwi likaNkulunkulu elikhulu, noMoya kaNkulunkulu uthatha iZwi likaNkulunkulu, libonakalisa uJesu Kristu ezindaweni zasezulwini ezimvini zaKhe, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akamangalisi na? Omangalisayo! UNkulunkulu anibusise.

276 Manje asisukume umzuzwana nje. Ngabe ninaye ozobusiswa na? Manje, khumbulani, ngoKhisimuzi, khonzani iNkosi uJesu. Ikhonzeni ngaMandla okuvuka kwaYo. Futhi uma ngingake ngibe nosizo kuwe (wena, umelusi wakho, ibandla lakho, kumbe noma yini), ubusuku abubi neze mnyama kakhulu, imvula ayini neze kanzima kakhulu.

277 Ngobunye ubusuku (kukhona inenekazi elimi likhona lapha) ngangimatasatasa kakhulu, ngathatha abagulayo nezinto kwaze . . . Kwakukhona owesifazane oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nento ubudala owayelahlekelwe yingqondo, futhi wayene . . . wacabanga ngokuba nengane noma okuthize, wayephambene ingqondo. Futhi uBilly, eofisi, wangibiza, wathi, "Baba, ungakwenza na?"

278 Ngathi, "Ngingeke njengamanje. Kukhona abantu . . . Ngeke nje ngakwenza."

279 Wathi, "Baba, ungaya emkhulekweni na? Ngizobatshela ukuthi uyakhuleka."

280 Ngathi, "Yebo." Futhi ngawo impela lowomzuzwana ofanayo wasanguluka. Walala ubuthongo, wavuka esesesimweni esijwayelekile; udla okugcwele, ukudla inkukhu kwakusihlwa, eswambulukile engqondweni. Umuntu ubemi lapha efakaza ngakho emizuzwaneni embalwa edlule.

281 UMfowethu Mack, ngimbonile lapha esikhashaneni esedlule, ndawondawo ebandleni. Ulapha, omunye wabelusi, umelusi wendawo. Umfowethu othandeka kakhulu, futhi bengihlala ngimthanda njalo uMfowethu Mack selokhu kuqala ngaqala enkonzweni. Ngase-ke ngihlangana naye . . .

282 Futhi ngangiphezulu le eBritish Columbia; futhi nje ukunikhombisa ukuthi uNkulunkulu uyoyisebenza kanjani yonke into kahle. Ngase ngivele sengiligibele ihhashi, futhi ngangibuyela ehlane lapho engangiholele khona lonke iqembu lamaNdiya kuNkulunkulu; futhi onke aphendulwa, futhi emukela uJesu.

283 Futhi ngesiprofetho esakhuluma ngomfana weNdiya owalahlekelwa yihhashi lakhe elincane, eminyakeni emibili edlule, samtshela ukuthi wayengalitholaphi, ukuthi lalikude kangakanani, nokuthi ihhashi elincane liyobe limi kuphi. Umama wakhe ebulawa ukuhlaselwa yinhliziyo. Waphiliswa futhi wasindiswa. Nalomfana, ezifikela nje futhi ekubona, futhi azi ukuthi u . . . ihhashi lakhe latholwa ngayo impela indlela atshelwa ngayo, nayoyonke into.

284 Akukho nalinye iZwi iNkosi eke yalikhuluma . . . Ngizobuza noma yimuphi wenu, "Sewake waMuzwa esho noma yini, ake Angitshela yona ukuba nginitshele yona, ngaphandle kwalokho okwenzeka ncamashi nje na?" Uma lokho kunjalo, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Niyabo? Khona impela, aLikaze lehluleke nakanye.

285 NoMfowethu Mack wayeseseduze kokufa, futhi kwenzeka ukuthi umkakhe abize uBilly . . . umkandodana yami, futhi watshela . . . wabuza ukuthi ngangikuphi; lelonenekazi elincane elithandekayo ne . . . umkakhe. Futhi u . . . Nomalokazana wakwami wathi, "U le enyakatho British Columbia ohambweni lokuyozingela."

286 Nangalokho kusa, ngandlela-thize, a—a—angikwazanga nje ukugibela lelohhashi ngiphume. Wayesethi-ke uBilly, "Ngizokholwa ukuthi ngizophinde ngishayele ekhaya futhi." Wayeseya esigxotsheni ukuba ashaye. Futhi nakhu beza bebuya begijima, ngenkathi iNdiya elincane limi lapho, elincane . . . noma ngabe ubani owayenehhashi elincane, futhi wathi, "UMfowethu Mack ulele useseduze kokufa, futhi uyakubiza."

287 Ngase ngehla, ngaya ngale emahlathini ngase ngiguqa phansi. Ngathi, "Nkulunkulu othandekayo, ezansi le,

amamayela ayizinkulungwane ezintathu ukunqamula izwe, esifundazweni esinelanga saseArizona, eTucson, kukhona umfowethu, futhi ulele useseduze kokufa. Uzomsiza na?"

288 Into nje ethize yakhuluma kimi, "Konke kulungile."

289 Futhi ngenkathi ngifika kuMfowethu Mack ngeliny'ilanga, ukuba ngikhulume naye, ngase ngimbuza, "Kwenzeka ngaliphi ihora lokho na? Kwakungalo impela lelohora elifanayo esaya ngalo emkhulekweni.

290 O, U . . . Akamangalisi na? Nguye izolo, namuhla, naphakade. Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngiphila eBukhoneni beNkosi.

291 Asikhothamise amakhanda ethu manje, nomfowethu omncane oligugu ulapha, umfowethu oyisithunywa senkolo, umngane wami, ilunga leAssemblies of God, umfowethu omncane oligugu lapha. Ngimbiza ngo, "Creeche." Wakhuluma izinto ezimnandi kabi nje. Mfowethu Creech, ngikubiza ngalokho. Angazi ukuthi ngingathini, ungumfowethu nenceku engumfo wakithi ezinhluphekweni zikaJesu Kristu ngalolusuku lokugcina. Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa. Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Tony uthe ubuzokhulula izethameli ngalesisikhathi, sisakhothamisa amakhanda ethu. Kulungile, woza.

